


UMBHAPHATHIZO WAMANZI

 Yebo . . . Awu, manje, umcabango wethu—wethu ungukuthi kulokhu ukusa ukuthi, asifuni uku—ukuthatha isikhathi senu esiningi kakhulu, kodwa khona-ke ngithole . . . futhi ngiyahamba ngiyokwenza ukutadisha okuncane, bese kuthi-ke ngiyahamba ukuyozilungiselela masinyane impela uku . . . Ngizodingeka ngiye edineni namhlanje nabanye abantu, futhi ngicabangile ngaphambi kokuningi kakhulu kunqwabelane e . . . Kukhona umfundisi oyinenekazi ozayo ovela phezulu phakathi lapha, udadewabo kaMfowethu Jack Moore, ukuthi ufuna ukukhuluma nami mayelana nabashumayeli besifazane. Futhi ngiyazi uzobakhona namhlanje, futhi ngicabange ukuthi ngizofika lapha kuqala.

² Futhi mina . . . into yokuqala engifuna nonke niyazi (Lokhu kuyaqopha kunjalo, Leo na?), kukhona into yokuqala engifuna niyazi nonke, niyabo . . . Futhi lowo nguDadewethu Gibson noDadewethu Sewell noDadewethu Simpson. Niyabo? Umbuzo engabuzwa wona mayelana nombhaphathizo wamanzi, futhi mina . . . nifuna ukwazi ngakho. Ngi—ngingathanda ukuthi nonke nazi kuqala, ukuthi ngine . . . inhloso yami akusikhona ukuzama ukukhombisa, sengathi wawungungqondongqondo othize noma owayazi ngaphezu komunye umuntu. Inhloso yami ukuzama ukuchaza, ukwazi kwami okwedlula konke ngemiBhalo, lokho okulungile nokungalungile. Futhi bekuhlala kuyinhloso yami ukuthi ngingalokothi ngixegise kunoma yini uNkulunkulu ayilobile, futhi ngingalokothi ngithi kulungile ngoba omunye umuntu uthi kulungile. Kodwa kufanele kube ngaleyondlela.

³ Manje, kungahle kube yilokhu, ukuthi esikhathini esizayo uma uzolalela leteyipu esikhuluma kuyo, kungahle kube kuhle nginitshele isizathu sokuthi kungani. (Niyangizwa kahle nonke ngokwanele na?) I . . .

⁴ Ngicabanga ukuthi uBaba wethu waseZulwini unabantu abenziwe ngezindlela ezithile okwenzuzo yaKhe uQobo. Njengoba nje senza izinto ngezindlela ezithile, ezechukene isikhathi ngasinye, ngoba sinenjongo yokukwenza.

⁵ Esikhathini esithile esedlule ngangihlezi ezansi e—esifundeni saseKentucky ngikhuluma nabanye babazalwane bami, futhi . . . Lapho ngiya ekhaya futhi ngingaba nesikhashana sokuphumula emihlanganweni, ngokuvamile kuba nezixuku ezinkulu ezinqwabelanayo phakathi. Niyabo? Bese kuthi-ke ngithola ukwethuka kakhulu, ngemva kobusuku bonke, niyabo, awukutholi nhlobo ukuphumula; bafika nje imini nobusuku; ngithola ukwethuka ngempela. Bese-ke kuyoba

phakathi kokuthi ngiyothatha induku yokudoba futhi ngihambe ngiyodoba, noma uma kuyisikhathi sokuzingela, ngiyothatha isibhamu sami esikhulu futhi ngihambe ngiyozingela.

⁶ Awu, izibhamu ezinkulu ngenye yezinto engiyithandayo ukudlaladlala ngazo; ukudubula okuqondiwe. UMfowethu Gene, lapha, nami, useqala ukuhlohla ngesandla manje, futhi thina si . . . siyakuthanda nje ukukwenza.

⁷ Futhi khona-ke nganginesincane, abasibiza ngeModel 75, isibhamu esikhulu iWinchester .22; awu, yilesa engizingela ngaso izingwejeje. Awu, ngi—ngizingela izingwejeje emayadini angamashumi amahlanu. Futhi emayadini angamashumi amahlanu . . . Ngilokhu ngidlaladlala ngalesisibhamu esikhudlwana ngize ngikwazi ukushayela isipikilana ngaso emayadini angamashumi amahlanu. Futhi ngeliny’ilanga ngafaka izinhlamvu eziyisishiyagalolunye emgodini ofanayo (Kunjalo, Mfowethu Gene?) emayadini angamashumi amahlanu, ngesibhamu esikhulu i .22. Manje, awu, khona manjalo saphuma.

⁸ Manje, ngokuvamile uma ingwejeje ingibuka, angeke ngiyidubule. Uma ingifulathele, angeke ngiyidubule. Izofanele ihlale ukuze ngibone ihlo layo. Futhi uma kwenzekile ngiyishaya maphansi ehleni, noma ngaphezu kwehlo, ngiyazi ukuthi kukhona okungalungile ngesibhamu sami esikhulu, niyabo. Ngakho-ke ngizovele . . . Angizami ukuzikhohlisa, futhi ngivele . . . Futhi angithathi izingwejeje ezingaphezu kwalokho umthetho ongivumela ukuba ngikuthathe (Niyabo?), ngoba lokho kulungile; ngingumlondolozu wemvelo.

⁹ Kodwa ngivele . . . Ngithola eyodwa futhi iqhele kakhulu, ngivele ngiyiyeke. Futhi uma lena iseduze kakhulu kimi, ngizohlehla ngifike emayadini angamashumi amahlanu. Futhi ngizoyibuka iphume futhi ithole ikinati ihikhori futhi ibuye, iyangibuka, ngivele ngiyiyeke. Ngesikhathi esizayo lapho ithola elilodwa mhlawumbe imizuzu eyishumi kamuva, ngemva kokunqamula lelo, izohamba ithole elilodwa, mhlawumbe isifulathele; bengineke ngiyidubule kanjalo. Ngakho-ke, futhi uma isuka ihamba, awu, ngiyayiyeka ihambe; Ngizingela enye (Niyabo?), ngoba nje ngi—ngiyazithola nje.

¹⁰ Futhi ngiyazithanda. Ziyinyama enhle ukwedlula yonke ekhona emhlabeni; akukho okungaqhathaniswa nengwejeje empunga, ikakhulukazi lapho ihlephula isihlahla ibhishi, noma ihikhori, noma into enjalo.

¹¹ Ngakho-ke isibhamu sami esikhulu saqhuma. Manje, isibhamu esikhulu siyinto exakile ukudlaladlala ngayo. Si—siyinto esusa ukuphakama kwemizwa yami nezinto. Manje, abanye abantu ngeke bakukhathalele.

¹² Futhi ngikholwa ukuthi umfowethu onomusa u-Oral Roberts, ngicabanga ukuthi udlala igalofu, futhi kanjalo

nomfowethu uBilly Graham. Badlala igalofu. Lokho bekungangena emizweni yami, phandle lapho nalabo besifazane begqoke ingxenywe kanye nezinto, lapho. Angikwazanga ukukumela lokho, kungumqondo. . . Kodwa manje, mhlawumbe, labobafowethu. . . Angiqondile ukuthi baphumele lapho ngaleyonhloso, niyabo. Qhabo, ngoba ba—ba—bangabanumzane abahloniphekile, bangabazalwane abangamaKristu. Kodwa ukuphuma nje ngizungeze lapho, angikwazanga ukukumela lokho, niyabo. Ku ma- . . .

¹³ Futhi ukudlala igalofu, mina—mina. . . lokho kubonakala kimi ukuthi kungo—kungokwabesifazane, noma okuthize, niyabo. Ushaye ibhola ngenduku bese ugijimela phandle lapho. Manje, labobafowethu bangahle bacabange into efanayo: “behlezi ngapho, bedlaladlala ngesibhamu esikhulu esidala.” Awu, niyazi senziwe ngokwehlukile.

¹⁴ Futhi ngakho-ke lesisibhamu esikhulu, ukungqangqazela okuncane kakhulu kwanoma iyiphi indlela, kuyosiphonsa le. Ungadubula futhi ushayele isipikilana ngaso, futhi ubeke umunwe wakho embhobhweni, kuzo—kuzovele konakalise ukudubula kwakho, niyabo. Kukanjalo-ke. . . kufanele kube ngokuqonde ngqo kanjani. Awukwazi ukugoqa isandla sakho ngasemkhonweni; usibeke silingane esandleni sakho.

Futhi khona-ke wena uthi, “Konke lokhu kuhlalane ngani nalokhu esikubuza khona na?” Kodwa ngizama ukuniyisa kokuthile kuqala, ngibe nesendlalelo.

¹⁵ Manje, ngelinye ilanga saqhuma, futhi ngangenze konke engangazi ukuthi kwenziwa kanjani ukukwenza. . . ukusibuyisela phakathi futhi. Ngazama ukusiqondisa ngisilungise. Ngazama ukuqinisa, ukuxegisa, nakho konke okunye.

¹⁶ Futhi i .22 awukwazi ukuyihlohla ngesandla, ngoba ukhuni luvikelekile futhi ufanele uthathe izinhlamvu ezihlohlwe efekthri. Manje, lapho sihlohla lezo ezina—namagobolondo amakhulu, lapho esingakhipha khona okokugcoba iphrima futhi sithole okokwenza usayizi omusha nezinto, awu, si—singahlohla lokho futhi siqhubeke sishintsha ophawuda, namagremu, nezisindo zezinhlamvu, size sifike lapho esizodubula lokho esizokudubula, noma khona-ke siyongena ekufakeni umbhobho nokunye nokunye. Ngakho-ke besingeke sikwenze kuleso. Kodwa ngathi, “Awu, mhlawumbe ngonile ngokufaka umbhobho. Ngizosibuyisela eNkampanini yakwaWinchester.”

¹⁷ Ngasibuyisela eNkampanini yakwaWinchester, futhi bangibhalela incwadi, engiyigcinele nje—isikhumbuzo sakho. Bathi, “Mfundisi Branham, leWinchester Model 70 ayenzelwanga ukuthi ibe isibhamu sokushaya kokuhlosiwe.” Niyabo. Bathi, “Kuzohlenganisa iyintshi. . . ukudubula okuhlenganisile okuyisikhombisa, kuzohlenganisa iyintshi

emayadini angamashumi amabili nanhlanu.” Futhi bathi, “Awusoze wakuthola okungcono kunalokho, ngoba lokho kululungele ngokuphelele lolo hlobo lwesibhamu; iyintshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu.”

¹⁸ Ngangazi ukuthi lokho kwakungalungile. Ngase ngidubule kayisishiyagalolunye, imbobo eyodwa kwenye, emayadini angamashumi amahlanu ngaso. Futhi leyo kwakuyiNkampani yaseWinchester eyasenzayo.

¹⁹ Manje, kubukeka sengathi othile ubezothi, “Awu, uma onjiniyela begunyaza lesosibhamu, futhi bebefanele bazi ukuthi yini ekuso, futhi uma benza isibhamu, khona-ke ubungakwenza...?”

²⁰ Yilokho umkami akusho kimi. Wathi, “Billy, kungani udlaladlala ngalesosibhamu, emva kokuba indoda eyasisungula futhi yasenza, futhi iyazi ukuthi ingakanani igesi kulo lonke igobolondo nayo yonke iringi ekulo nakho konke okunye, ubungazama kanjani—kanjani ukuphikisa izwi labo na?”

²¹ Ngathi, “Awu, s’thandwa, esikhathini esingeside esedlule ubungibuza umbuzo weBhayibheli, futhi wawunezimpendulo kwingemuva leBhayibheli. Futhi wangibuza, ‘Ngabe uNkulunkulu wamnika u-Abrahama leyonkundla Amthembise yona na?’” Futhi—futhi, noma, wangibuza.

Futhi ngathi, “Qhabo, Akazange amnikeze inkundla. Wamthembisa khona, kodwa akazange—akazange abe nalutho lwakho. Akazange awuthole.”

Futhi ngakho wathi, “O, ngikutholile kulokho.” Wathi, “Nansi impendulo, ‘Wamnika yona.’”

²² Ngathi, “Phenya eZenzweni 7. ‘Hhayi ngisho nendawo yokubeka unyawo lwakhe.’” Kunjalo, ayi—yinikezwanga yena. Manje, niyabo, ngezinye izikhathi okulotshiwe kwethu, izimpendulo zabantu zingaba yiphutha.

²³ Futhi indoda eyenza isibhamu ingaba nephutha, ngoba bengazi vele ukuthi ngishayele izipikilana eziqondile eziyisishiyagalolunye esiqephini sephepha embotsheni efanayo emayadini angamashumi amahlanu ngalesosibhamu. Futhi bathi uma izinhlamvu eziyisikhombisa zimboza...uthatha intshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu, uhhafu webanga, awusoze waba ngcono. Kimina babenephutha, noma ngabe bangongqondongqondo besibhamu noma qha, ngoba ngangazi kangcono, niyabo.

²⁴ Futhi ngahlala phansi ngaphansi kwesihlahla ngokunye ukusa, noMfowethu Wood noMfowethu Charlie, ozingela nami, futhi kwakukhona izingwejeje yonke indawo. Awu, ngangiyodubula eyodwa ezinsukwini ezithi azibe mbili ngaphambi kwalokho futhi ngegeja iso layo; ngashaya phansi esihlathini. Kusobala, kwabulala ingwejeje njengefile

uma ngiyishaye esweni, kodwa isibhamu saqhuma, kimi. Kuyangethusa, ngoba uma lesosibhamu singangenile kahle, ngi—ngi... akungisizi ngalutho ukuhamba ngiyozingela (Niyabo?), ngoba angiyizingeleli ukuyidla noma kanjani. Ngi—ngiyazingela nje ukwenzela umdlalo.

²⁵ Futhi ngakho ngathi, “Yilokho...Ku...” Ngangihlezi phansi kwesihlahla, isihlahla esincane esincikile. Ngingahle ngiye kukho kulokhu ukusa, lapho ezintabeni zaseKentucky. Futhi ngangihlezi emuva ngaphansi kwalesosihlahla, ngilalele uCharlie ngapha ebhaklaza nje. Bazokwenza... Angikhathali ukuthi yisiphi isiphetho sengwejeje abayidubula, ukuze nje badubule ingwejeje. Eyabo... uma iqembu labo... isibhamu sasidubula ngokusondele noma kanjani, ukuze nje sishaye ingwejeje. Futhi uma ku—uma kwakusezinqulwini, noma phakathi nendawo, noma yikuphi lapho okwayishaya khona, lokho kwakulungile.

²⁶ Futhi ngakho—ke... futhi ngathi, “Awu, manje, lokho aku...” A—angikwazanga nje ukukumela lokho. Futhi ngahlala phansi lapho. Ngacabanga, “Buka nje ubumnandi labo bafo abanakho.” Futhi bayakuthanda ukuzingela njengoba nje ngenza, futhi bobabili bangabadubula kahle, okuhle. Bangamaqhathanzipho, bobabili amaKristu, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi amadoda akahle nje; amanye amadoda akhaliphe kunakho konke. Futhi labobafowethu phezulu lapho babejabule kakhulu, bedubula izingwejeje. Futhi kwakukhona izingwejeje ezazigxuma zidabula ezihlahleni ngakimi ngqo.

²⁷ Awu, ngathi, “Pho kungani ngingenza into efana naleyo na? Ngihlezi lapha, futhi nakhu ngihlezi lapha ngikhala, izinyembezi nje zehla ebusweni bami. Nazo la zikhona, futhi lapha angikwazi ngisho ukushaya okuqondiwe.” Ngasukuma futhi ngathi, “Baba waseZulwini, kungani Ungenze kanje, umuntu onokwethuka kancane, ophatheke kabi na? Futhi khona—ke umusa waKho unginike izigidi zabangane bangempela,” niyabo. Futhi ngathi, “Kungani Ubungangenza umuntu onjena na?” Futhi ngaqala ukukhala izinyembezi kakhulu ngaleso sikhathi, ngihlezi ngaphansi kwesihlahla esincane esitshekile, impela, ngaqala ukukhuphuka intaba.

²⁸ Futhi—futhi ngangazi, ngokushesha labobafo babezoba nomkhawuko wabo wezingwejeje, futhi babuye. Futhi lapho ngangihlezi lapho, nje... O, kwakungenjalo... kodwa angingibanga nawo umuzwa wokudubula eyodwa yazo, ngoba, ngesaba ukuthi ngangizoyilimaza, niyazi, futhi yona ithole—isuke, niyabo.

²⁹ Futhi mina nje... nesibhamu sami, benginga nge... Inkathi yonyaka ayiyide kakhulu, futhi kade ngilapho, ngokuba, awu, ingxenye yenkathi yonyaka yase yedlule ngizama ukubuyisa lesosibhamu esikhulu. Ngathumela isibonisa—khulu, nganginaso

sinombhobho wokukhuluma, futhi bathi, “Leso sibonisa-khulu silunge ngokuphelele.”

³⁰ Awu, ngangazi ukuthi kwakuyisibhamu esikhulu, ngoba sijikijela eyodwa, kanye, nenye, enye. Isibonisa-khulu sasingeke sikwenze lokho. Ngakho-ke ngahlala phansi lapho futhi nga—ngavele ngakhala izinyembezi.

³¹ Futhi emva kokuhlala lapho kancanyana, kwathi ukuzulisa ikhanda lami, ngaMuzwa ekhuluma kimi. Manje, nimile nonke izolo ebusuku emihlanganweni; nibona ukuthi Ubengaphumela kanjani angene ezethamelini, nomaphi lapho, lapho Engifisela khona, ngitshela abantu konke ngezimo zabo, nokuthi babengobani, nokuthi bavelaphi, nokuthi babenzeni, nokuthi kuyoba yini. Senake nakubona kwehluleka na? Akwehluleki neze; angeke, ngoba nguYe. Awu, manje-ke, Wayekhuluma kimi. Futhi Wathi—Wathi, “Ngikwenze ngaleyondlela ngenhloso.”

³² Futhi ngathi, “Kungani Wangenza ngaleyondlela, Nkosi, ngenjongo, ukuba ngibe nokwethuka na? Futhi into kuphela engiziphumiza ngayo ngiphume emihlanganweni ngukuza lapha futhi ngizingele. Futhi ubuyongivumela...” Niyabo, uNkulunkulu wenza yonke kusebenze kahle kulabo abaMthandayo, niyabo. Wayefuna ukungitshela okuthile. Sadingeka ukuba siphume kanjalo-ke lesosibhamu, ukuze sithole yona kanye lento kimi.

Wathi, “Awu...”

³³ Ngathi, “Isibhamu sami,” Ngathi, “Nkosi, nguWe wedwa Ongakungenisa.” Ngathi, “NguWe kuphela Ongangisiza, ngoba iNkampani iWinchester evamile iyasho ukuthi angeke ihlanganise ngaphandle kweyintshi elilodwa emayadini angamashumi amabili nanhlano. Futhi, Nkosi, ngiyakwazi: ngi—ngiye ngadubula emayadini angamashumi amahlano futhi ngashayela izipikilana eziyisishiyagalolunye ngokulandelana. Niyabo? Ngazi okwehlukile kulokho.”

³⁴ Wathi, “Yingalesosizathu Ngakwenza ngaleyondlela.” Wathi, “Uyabo? Wena...Ngakwenza kanjalo ukuze... ngenjongo.” Manje, futhi naku okwakuyikho. Niyabo? Ukube ngangazi ukuthi bekuyoshayela isipikilana emayadini angamashumi amahlano, Angikhathali ukuthi ubani osho noma yini eyehlukile, ngiyazi ukuthi kuzokwenza, uma kungangena esimweni esifanele; uma ibhalansi, inhlamvu, ne—ne...yonke isayense yokuphonsa izinhlamvu ezibhanyini kungatadishwa futhi kulungiswe phansi. Isizathu kwakwenza kanye; uma kwakwenza kanye, kuzophinda kukwenze futhi.

³⁵ Awu, yilapho Angazisa khona, khona-ke, Wangenza ngaleyondlela ngenxa yomsebenzi womyalo Anginike wona ngalezizinsuku engiphila kuzo; ukuthi angikwazi nje ukuya ebandleni lehlelo futhi ngijoyinane nelilodwa, lapho bezovele

bafafaze nje: “Awu, i—ibandla lithi *lokhu* kulungile futhi bayakwamukela *lokhu*.”

³⁶ Uma—uma—uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, uma kushayele inhlamvu lapho, kuzophinda kuyishayele futhi. Angikhathali ukuthi bathini. Niyabona? Kuzofanele kubekhona indlela ethize yokuthi UnguMuntu ofanayo. Uyinto efanayo. amandla aKhe ayafana.

³⁷ Manje, uma ushaya indawo enjengalena, uMathewu 28:19, ongibuza ngaye kulokhu ukusa, iZenzo 2:38. UJesu wayala abafundi baKhe lapha: “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa.” Manje, lowo nguMarku 16, ngicaphuna kuye. Futhi manje, kungaleyonkathi Abathuma khona. Futhi Akazange abalule ukuthi kubhaphathizwa kanjani phakathi lapho. UMarku akazange akubhale phansi.

³⁸ Kodwa uMathewu wathi, uMathewu 28:19, Wathi, ngenkathi Ebonakala kubo, futhi khona-ke, kanjalonjalo, futhi wabathuma ukuba bahambe bayobhaphathiza, Wathi, “Ngakho-ke hambani, nifundise izizwe zonke.” Futhi ukuhumusha okuyikho ngukuthi, kungukuthi, “nenze abafundi bazo zonke izizwe, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke engibayale ngakho.”

Futhi ezinsukwini eziyishumi kamuva uPetru wathi, “Phendukani futhi nibhaphathizwe, nonke, eGameni likaJesu Kristu.” Manje, kukhona ukuphikisana okuqondile!

³⁹ Manje, abantu abanengi bazothi, “Awu, ibandla lami liyafundisa, ‘Bhaphathizwa, iGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.’ Ikhohli engaphuma kulo langifundisa lokho, ngakho-ke yileyo ndlela engizokwenza ngayo.”

⁴⁰ Kimina lokho akulungile. Ngishaya ngalapha futhi ngishaya *laphaya*. Ngenza u—ukuhlangana kwamayintshi angamashumi amane. Lokho akunjalo, kwenza imiBhalo ibe ngeqinisile. Ifanele iqondane ngqo. Ifanele iqondane ngqo. Awu, khona-ke, kuzoqondana ngqo kanjani lapho uMathewu athi, “Bhaphathize, igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” futhi uPetru wathi, “Bhaphathize, iGama leNkosi uJesu,” bobabili abafundi, oyedwa, umbhali, futhi omunye umphostoli na?

⁴¹ Futhi khona-ke, wonke umuntu eBhayibhelini owabhaphathizwa emva kwalokho, wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Futhi labo abasebevele bebhaphathiziwe nguJohane badingeka ukuba beze futhi baphinde babhaphathizwe, eGameni likaJesu Kristu, ngaphambi kokuba bathole uMoya oNgcwele.

⁴² Awu, ngathi, “Niyabo, wena u—awuqondanisiwe ngqo lapho.” Nakhu okuthize khona manje. Uma sikhohliwa ukuthi

iBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu elingenaphutha, asikwazi ukulenza lisakazeke yonke indawo phezu kwesiqeshana sephepha bese-ke liqondaniswa ngqo. Niyangiqonda na? Kuzofanele kushaye okuqondiwe, noma akushayi. Uma kuphumile, kuphumile.

⁴³ Awu, kungani uPetru aphenduka wase enza into uJesu amtshela ukuthi angayenzi na? bese kuthi-ke uNkulunkulu akubone futhi abanike uMoya oNgcwele, lapho—lapho uJesu athi, “Babhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” futhi uPetru wathi, “Qhabo, bhaphathiza eGameni lika—kaJesu.”

⁴⁴ Manje, wena—wena angeke wenze lokho kushaye okuqondiwe. Niyabo? Manje, kukhona okungalungile ndawo ndawo, bodadewethu. Niyabo? Omunye wabo uqambe amanga, noma i. . . Yimuphi oqambe amanga na? Bekuyimuphi obeyikho na? Manje, kimi lokho ngeke kusebenze nje.

⁴⁵ Njengoba kunjalo ngo: “Ngabe umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngubufakazi ukukhuluma ngezilimi, noma akusibo na?” Abanye bathi, “Yebo,” futhi abanye bathi “Qhabo.” Uthini imiBhalo ngakho na? Kufanele kuqondaniswe ngqo! Ngiyathola lapho, lapho, abanye bakhuluma ngezilimi, futhi abanye abakhulumanga. Awu, kuyini na?

⁴⁶ Omunye umbuzo ogqamile: “Ngabe abesifazane bafanele babe abashumayeli, yebo, noma qha?” Enye indawo ithi, “Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha.” Omunye wathi, “Ngiyamenqabela, hhayi, owesifazane ukuba akhulume ebandleni,” ngisho. Niyabo?

⁴⁷ Manje, lokho akuqondene ngqo. Akuqondene ngqo, ngakho-ke bona. . . Ungakushiya nje kunjalo ngoba ikholiji, imboni, yathi kwakunjalo, ngukuthi, “Lokho kuhle njengoba uzokuthola.” Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane. Kuzofanele kuqondane ngqo, noma akulungile. Awu, manje uma kuqonde ngqo kubo, kuzoqonda ngqo kimi. Uma kuke kwaqondana ngqo kanye futhi kwaletsa imiphumela ukusho ukuvuka kukaJesu Kristu ngamandla nezibonakaliso nezimangaliso nezimanga, kuyokwenza futhi.

⁴⁸ Manje, kwenye indawo siye sa. . . si. . . sinokumile kakhulu embhobhweni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lena indlela eluhlaza yokukuveza, mayelana nokudubula isibhamu, kodwa mina nje, ngingu ma-. . . ukubeka lokho njengesisekelo ukuze niqonde ukuthi ngichaza ukuthini. Kukhona okumile embhobhweni ndawo ndawo; akusikho okufakwe esibhanyini okuyinsimbi eyinhlaka; uphawuda kuphakathi kokuthi uphezulu kakhulu noma uphansi kakhulu; noma kuphakathi kokuthi esinye isikulufu siqine futhi esinye siyaxega, noma esinye sixege kakhulu nesinye siqinile; futhi

kukhona okungalungile endaweni ethile. [Indoda ikhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ya, ya, ya, kungase kube umfo emva kwengciphho, ukahle. Kodwa manje, kuyini khona-ke na?

⁴⁹ Manje, uma kukhona ukuphikisana eZwini likaNkulunkulu likhombe okungenalutho kakhulu njengoba kunjalo, khona-ke akusilo iZwi likaNkulunkulu engilaziyo. Uma Engazidida Yena uqobo, futhi adide iZwi laKhe, futhi adideke Yena uqobo, Akayena ongenasiphelo, Unesiphelo njengoba nginjalo.

⁵⁰ Manje, ingabe kunjalo lokho na? LeloZwi kuphakathi kokuthi lifanele libe ngeliqinisile futhi konke nokunci kwaLo kulunge futhi Liqondane ngqo, noma kuphakathi kokuthi akusilo iZwi likaNkulunkulu.

⁵¹ Manje, izikhathi eziningi abantu bathi, “Awu, niyabo, uPetru wayejabule ngokweqile ngenkathi ethi bhaphathiza, iGama likaJesu, ngoba lokho—lokho, ngempela, uMathewu washo khona impela lokho uJesu akusho. Asinandaba ukuthi uPetru wathini.”

⁵² Awu, khona-ke, uma uPetru noJesu babengahambisani, khona-ke onke amanye amaVangeli angahle angahambisani. Uma iZwi elilodwa laLelo liphikisana nelinye, khona-ke Akusilo iZwi likaNkulunkulu, likaNkulunkulu engimaziyo.

⁵³ [Omunye uthi, “Mhlawumbe uJohane wenza amaphutha athile.”—Umhl.] Ya, uJohane angahle ukuba wenza amanye. Yiliphi elaliqinisile na? Emva kwakho konke wa-...Angazi noma uJesu wakusho lokho noma qha. Niyabo? UMathewu wakuloba. UMarku akazange asho lutho ngakho, ULuka akazange asho lutho ngakho, noJohane akazange asho lutho ngakho, kodwa uMathewu washo. Awu, khona-ke mhlawumbe konke okweVangeli likaMathewu kwakunephutha, nelikaLuka. Awu, khona-ke, yiliphi eliqinisile nelinephutha na? Niyabona lapho nizifake khona na? Qhabo, mnumzane, Lonke lizofanele libe ngeliqinisile.

⁵⁴ Khona-ke ngiyamangala, kungani uNkulunkulu engaloba iNto enjalo, ayiyeke ixoveke na? Ngisho noJesu wambonga uBaba waKhe ngokuthi Ukufihlile lokhu emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wawkumbala ezinganeni eziyofunda. Manje, kwenza lokho ukuphonsa a— a—abahlakaniphileyo baphuma emzileni. Kodwa iNcwadi iyisambulo.

⁵⁵ Manje, njengalapho ngiya phesheya kwezilwandle nomkami engibhalela incwadi futhi ngihlale phansi. Athi, “Billy othandekayo, ngihlezi lapha kulobubusuku; abantwana sebelele. Ngicabange ukuthi ngizokubhalela imigqa embalwa ukuze ngikwazise ukuthi senzeni namuhla nokuthi siphila kanjani. Siyethemba ukuthi uNkulunkulu uyakubusisa,” nakho konke kunjalo. Manje, ngifunda kolayini lokho akubhalayo. Kepha ngimthanda kakhulu umkami, futhi ungithanda kakhulu,

kungakhathaleki ukuthi ngingabhala ini, singayifunda ivaliwe lokho esikushoyo.

⁵⁶ Awu, yileyo ndlela iBhayibheli elibhalwe ngayo: phakathi kwemigqa. Niyazi iningi lezintshumayelo zami, njengoNkulunkulu eguqula u-Abrahama noSara babuyele kubantu abasha, ubuyofanele—ufanele uyifunde ivaliwe ukubona ukuthi kanjani, ukuthi umBhalo uthini. Ufanele wazi. Kodwa akusoze kwaphuma emugqeni. Niyabo? Phakathi kwemigqa kuzovele kuhlenganise imigqa futhi kukwenze isithombe esisodwa esikhulu.

⁵⁷ Manje, kufanele kube indaba yothando noNkulunkulu ngaphambi kokuba uze ukuthole, ngoba uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli; futhi iBhayibheli lasho ukuthi Alichasiselwa ngumuntu ngokwakhe, kodwa Liphefumulelwe.

⁵⁸ Manje, embuzweni wakho. Ngabe unalo iBhayibheli na? Ngabe nonke ninalo iBhayibheli na? Manje, okokuqala... [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Qhabo, lokho kulungile. Uma u—u—u—ungakumaka phansi, noma nje... Manje ngizoninikeza imifanekiso ethize, uma ningenandaba. Futhi kulokhu, khona-ke, uzo—uzobona ukuthi kungani. Manje, ngifuna ukunibuza umbuzo nina bodade.

⁵⁹ Ngifuna ukuthi nikhululeke njengoba ningakhululeka. Manje, hlalani kulendaba ngenxa yaleteyipu, ngoba ngiqonde ukuthi singaphuma ebufakazini bokuqala nakho konke okunye okunjalo. Kodwa makube... Sizokwenza enye iteyipu yalokho (Niyabo?) ngesinye isikhathi. Kodwa lokhu, sikhuluma ngombhaphathizo wamanzi.

⁶⁰ Manje, kubukeka sengathi uMathewu noPetru, uma babedubula kokuqondise okufanayo, babephumile kakhulu emgqeni ndawana thize.

⁶¹ Manje, manje ngizongena e—eBhayibhelini lami futhi ngizofunda. Futhi—futhi nina bodadewethu, uma nifuna ukuLifunda, nje yibani... niyathanda... nifuna iBhayibheli noma nifuna ukukumaka phansi noma yini enye, yenzani njengoba nifuna. Bese kuthi-ke ngizo—ngizonitholela... ngifuna nina-ke ukuba—ukuba... emva kokuba nenze lokhu, kubhaleni phansi. Futhi khona-ke uma kukhona noma yimiphi imibuzo, ngifuna niqiniseke futhi—futhi ningibuze manje. Ngibuzeni, ukuze uma nganoma yisiphi isikhathi esizayo, kuleteyipu, ukuthi omunye uzodingeka akubuze umbuzo, ungahle ukwazi ukubuya futhi ukuchaze.

⁶² Manje, ukuze kuqondiswe lababantu futhi ukulungisa laba ababili ezansi, ngi—ngiyafuna... kumele... kungase... cishe kuhlenganise izindaba ezimbili ndawonye.

⁶³ Manje, manje, kuMathewu 28:19, manje, leyo yincwadi yokugcina yeBhayibheli, noma, incwadi yokugcina kaMathewu,

ingxenywe yokugcina kaMathewu. Manje, asifunde amavesi okugcina, ivesi le 18:

UJesu wasondela wakhuluma kubo, wathi, Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni. Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni.

⁶⁴ Awu, angazi noma, ngabe Wawathatha onke amandla kaNkulunkulu ngaleyonkathi na? Ngokuba onke amandla kokubili eZulwini nasemhlabeni aku—akuYe manje. “Onke amandla kokubili eZulwini nasemhlabeni aphiwe Mina.” Ukuphi uNkulunkulu ngamandla aKhe na? Manje, uJesu angaqamba amanga na? Angeke aqambe amanga. Uma Eqamba amanga, khona-ke sikuphi na?

⁶⁵ Manje khumbula, gcina . . . khumbulani lokhu engqondweni, ukuthi, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, hhayi ihlelo, iBandla likaNkulunkulu ophilayo lakhelwe phezu kwesambulo sikamoya. Manje, niyakuthola lokho kuMathewu oNgcwele 17, noma, uMathewu oNgcwele 16 yikho, lapho Athi khona—Wathi “Abantu uthi Ngingubani na?”

Wathi, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo,” kwasho uPetru.

⁶⁶ Wathi, “Ubusesiwe wena, Simoni, ndodana kaJona. Inyama negazi (ikholiji, omunye umuntu) akakwambulelanga neze lokhu, kepha uBaba waMi oseZulwini. Wena unguPetru. Phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi.”

⁶⁷ Manje, niyabo, iKatolika lithi, “phezu kukaPetru”; uma kunjalo, khona-ke, wahlubuka. Kulungile, iProtestane lathi, “phezu kukaJesu.” Kodwa kungesikho ukwehluka, kodwa ukuqondisa into: hhayi kuJesu noma kuPetru, kodwa phezu kwesambulo sangokomoya: “Inyama negazi akukwembulanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu.”

⁶⁸ Khona-ke eZwini elilotshwe ngemifanekiso nakho konke okunye kungembulwa kuphela, futhi okuwukuphela kweqiniso eliyoke laziwe ngakho, yisambulo sokomoya. Futhi uma isambulo sakho singakuhlanganisi ndawonye, khona-ke isambulo sakho siyiphutha. Niyabo? Kufanele kuhlangane.

⁶⁹ Njengokuthi uma wawudlala umdlalo oyididane wokubuyisela ndawonye endaweni yazo zonke izicucu zamapulangwe ezisahwe ngokugwegwesa, futhi awuzange ube nalutho ohlangothini lapha uku—ukubheka ukuthi kwakuyini . . . ubungathola izinkundla zonke zixubene. Ubungathi, “Awu, ngikholwa ukuthi *lokhu* kuya lapha, ngikholwa ukuthi *lokhu* kuya lapho.” Lowo umqondo womuntu. Into yokuqala uyazi, inkundla yakho ingaba yiphutha: ube inkomazi icosha utshani esiqongweni sesihlahla. Niyabo? Ngakho-ke beku—kungeke kusebenze. Niyabo? Kodwa uma uthanda . . . uma unokuthile lapha ongadlula ngakukho, ongadlula ngakukho! “Awu, manje,” wena uthi, “o,

uNkulunkulu wembula kimi ngokuthile.” Uma kungahambisani naleliZwi, futhi kubophela iZwi ndawonye, khona-ke isambulo sakho siyiphutha.

⁷⁰ ETestamenteni eLidala, uma umprofethi eprofethile, uma umphuphi ephuphe iphupho, akunandaba ukuthi libonakala lingokoqobo kanjani, okokuqala, ngaphambi kokuba ibandla like lilemukele, lalifanele lifakaziswe nge-Urimi neThumimi. Niyakwazi lokho, leso yisivikelo sesifuba sika-Aroni lapho izibani zazibonakalisa khona. Manje, lapho lobobupristi buphela, i-Urimi neThumimi yahamba nakho. Kodwa sine-Urimi neThumimi entsha; leyo yiZwi likaNkulunkulu.

⁷¹ Futhi uma isambulo sakho singabophi, futhi wena uthi, “Nkulunkulu wembula kimi ukuthi ngifanele ngibhaphathizwe, igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” uma lokho kungabophelani neZwi, kusukela kuGenesis kuya eSambulweni, futhi Kubophane ndawonye, khona-ke isambulo sakho siyiphutha.

⁷² Wena uthi, “UNkulunkulu wangembulela ukuthi ngifanele ngibhaphathizwe eGameni likaJesu.” Uma kungabophani neZwi, khona-ke i-Urimi neThumimi ayikusekeli. Akunandaba ukuthi kubonakala kungokoqobo kangakanani, Leli yiZwi leqiniso. Lena yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu.

⁷³ Manje, “Futhi uJesu. . .” Ngiyacaphuna futhi, ngiyaphinda: “UJesu weza wakhuluma kubo (ivesi le 18), ethi, Ngiphiwe amandla onke eZulwini nasemhlabeni. Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele: Nibafundise ukugcina konke eNginiyale ngakho: bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe. Amen.”

⁷⁴ Manje, ngifuna ukunibuza okuthize, manje nje. . . Manje, lowo nguMathewu 28:19, umBhalo eningicela ukuba ngiwuchaze, esinawo ekubukeni lapha kulokhu ukusa. Manje, asikufunde ngokucophelela lokho, nje ninga—ningagijimi phezu kwakho. Ufundeni ngokucophelela. Manje, bhekisisani. “Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise neleNdodana. . .” Manje, hhayi—hhayi, “egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele.” Yileyo ndlela abantu ababhaphathiza—bhaphathiza ngaleyondlela. Ayisikho ngisho ngokomBhalo. Niyabo, akusikho, “egameni likaYise, egameni leNdodana, egameni likaMoya oNgcwele.” Lokho yiphutha. Lokho akusikho ngokomBhalo. Futhi akunjalo, “amagama kaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Kungukuthi, “eGameni,” g-a-m-a, ubunye; iGama. Buka, ngenkathi nonke nisabuka, “ngeGama.” Kulungile.

⁷⁵ Manje, manje, uma kukhona noma yikuphi ongakuqondi. . . Ngilinde uDadewethu Sewell lapho ukuze akuthole. Ukutholile

lapho na? UMathewu 28:19, 19 ivesi. Manje, Dadewethu Sewell, ngikholwa ukuthi nguwe obukubuzwa ngamandla ukwedlula bonke. Manje, ngabe lokho kuthi, “Emagameni likaYise, iNdodana...”? Kuthi, “Egameni likaYise, egameni leNdodana...”? Qhabo. “EGameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele.” Hhayi egameni, ukubeka *igama* ngaphambi kwalo ngalinye, kodwa nje eGameni likaYise, neleNdodana, noMoya oNgcwele. Manje, manje siyaqonda, khona-ke, kufanele kube neGama elilodwa lapho, ngoba kuthe iGama elilodwa.

⁷⁶ Awu, ngifuna ukunibuza, yiliphi kulawo magama okufanele sibhaphathize kulo, khona-ke na? Manje, ngabe “uyise” yigama na? Qhabo, ngakho-ke besingeke sibhaphathize “egameni likaYise,” ngoba “uyise” akusilo igama, yilo na?

⁷⁷ Awu, “egameni leNdodana,” khona-ke, singasho. Ngabe “indodana” yigama na? Ngiyindodana, wena uyindodana, yena uyindodana, kunjalo na? “Indodana” akulona igama, yilo na?

⁷⁸ Awu, “UMoya oNgcwele” khona-ke; “egameni likaMoya oNgcwele.” Awu, lapha...Awu, i...Ake sithi, “uMo-... egameni likaMoya oNgcwele.” U “Moya oNgcwele,” ngabe yigama na? Qhabo; yilokho Oyikho. Sonke singabantu. Yilokho Oyikho; NguMoya oNgcwele. Kodwa u “Moya oNgcwele” akulona igama; yilokho Oyikho. Sonke singabantu, kodwa lelo akuwona amagama ethu. Niyabo? Qhabo. Yilokho...kukhona iziqu ezintathu, khona-ke, akunjalo na?

⁷⁹ Awu, manje-ke, hlobo luni lwento esinayo lapha, khona-ke na? Yena—Yena wathi, “Babhaphathizeni eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Awu, uma “uYise” kungesilo igama, futhi “iNdodana” akusilo igama, futhi “uMoya oNgcwele” akusilo igama, awasiwo amagama. Ngakho-ke ubungeke ukusebenzise lokho egameni, ngoba akukho gama kukho nhlobo kwasekuqaleni. Manje njengoba... Uyakuqonda lokho na? Awasiwo amagama. Anga...

⁸⁰ Njengoba nginjalo...Bangibiza ngo “Mfundisi ohloniphekile.” Abanye abantu bangibiza ngomprofethi. Abanye bangibiza ngomshumayeli. Awu, manje...Ya, ngingubaba, ngiyindodana, ngingumuntu; kodwa igama lami nginguWilliam Branham. Kodwa—kodwa umfundisi ohloniphekile, umprofethi, noma, umfundisi ohloniphekile, ilungu, nomfundisi, lezo yiziqu ezingezami. Awu, lawo ngawamanye abaningi futhi. Njengomphefumulo, umzimba, nomoya, lokho kungokwami, futhi. Kodwa kungokwakhe owesilisa, yena owesilisa, yena owesifazane, yena owesifazane, nabo bonke. Niyabo? Konke kuyafana. Niyabo, yiziqu kodwa lelo akusilo igama lami. Akusilo igama lakho lelo. Umphefumulo, umzimba, nomoya akulona igama lakho. Akusikho lokho...yilokho oyikho, kodwa akusilo igama lakho.

⁸¹ Awu, uyinenekazi. Ungumama. Ungunkosikazi, indodakazi. Ya, zonke lezozinto, zona, yilokho—yilokho nje oyikho. Futhi uthi wena... Bengihlala ngikubiza ngo “Dokotela.” Ubungumhlengikazi. Uthi ungudokotela. Awu, ungumama, futhi, kodwa lokho akusilo igama lakho. Uma ngibhala nje “dokotela,” kukhona odokotela abaningi. Ukuba bengibhale ukuthi “mhlengikazi,” kunenqwaba yabahlengikazi. Niyabo? Kodwa lelo akulona igama lakho namanje. Ngakho-ke uma umuntu ethi wabhaphathizwa egameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, uma nje bebengacabanga, akusiyo ngisho ingqondo... Aku—akusikho ngisho—akulungile ngisho nangokwengqondo: igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

⁸² Kunjengoba iKatolika lisho, “Ubudodana baPhakade,” ubudodana baPhakade bukaKristu. Lingawenza kanjani umqondo igama na? Angaba kanjani iPhakade futhi abe yiNdodana na? *Indodana*: lokho kwa “zalwa kokuthile.” Iphakade alinasiqalo noma isiphetho.

⁸³ Uma bethi kukhona isihogo saPhakade, iBhayibheli lathi isihogo sadalwa, khona-ke singabaPhakade kanjani na? Asikho isihogo saPhakade; isihogo sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe; hhayi isihogo saPhakade. Yonke into iyaqala, iyaphela. Isihogo singasha iminyaka eyizigidigidikazi eziyikhulu, kodwa sifanele sibe nesiphetho, ngoba konke okuqalayo, kuyaphela.

⁸⁴ Yingalesosizathu singeke safe, ngoba siyingxenyekaNkulunkulu, inzalo yamadodana namadodakazi, aKhe. SinokuPhila okuPhakade, ukuPhila kukaNkulunkulu. Akuzange kuqale, akusoze kwaphela. Niyabo?

⁸⁵ Manje, lokhu kunamandla impela. Uma ningakuqondi futhi ngiyesaba ukuthi ngizonikhipha ngengatsha lapha ndawo ndawo, njengoba bengikhuluma nabafundisi bagcotshwa. Manje, uma ungaqondi, ngitshele, ngoba ngokuvamile ukhuluma nabafundisi bagcotshwa kanje. Uyabo? Kodwa, niyabona nina besifazane, ningibuzile nje, futhi ningabangane bami. [Odade bayaphendula—Umhl.]

⁸⁶ Kulungile manje, ngiyazama... Nina—nina nonke nifundile, futhi nina—nina nonke nihlakanihile. Futhi a—angifuni ukuthi nithathe lokhu “ngoba uMfowethu Branham washo njalo.” Manje, ngiyisidalwa esingumuntu. Ya, ngifuna nithathe iZwi. Futhi uma ningathola noma ubani ozokwehlisa leloZwi, ningabaletsa kimi; uma ungathola noma ubani othi kukhona ukuphikisana eZwini likaNkulunkulu, mlethe kimi. Kungukuthi... angeke nje ku—ku—kuba njalo. A—angeke, asikho isidingo sokuzama, ngoba akukho lapho, niyabo.

⁸⁷ Manje, umuntu ubengabhaphathizwa kanjani...? Ngifuna ukunibuza okuthile manenekazi khona manje, noma, nani madoda: Ubengabhaphathizwa kanjani noma ubani egameni

likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele na? Ubungabhaphathizwa kanjani egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele na? Awuwuboni yini umnyombo wakho na? Ayikho into enjengokuthi igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Lokho—lokho—lokho yi—yiziqu lezo. Niyabo? “Umnduze...” Kungani ungasho nje “Umnduze weSigodi, iMbali yaseSharoni, iNkanyezi yoKusa, u-Alfa, u-Omega”? Bekungafana. Noma ubungabhaphathizwa nawe nje, uthi, “Ngiyakubhaphathiza egameni lika-Alfa no-Omega, iSiqalo nesiPhetho.” Kunjalo nje, yisiqu. “Ngiyakubhaphathiza egameni loMnduze wesiGodi, iNkanyezi yoKusa, neMbali yaseSharoni.” Kuyafana nje, yiziqu. Kodwa siyazi ukuthi zingezikaBani, kodwa kukhona... kungaba khona izinkanyezi eziningi zokusa, nomnduze wasezigodini, nembali yaseSharoni. Niyabo? Ngakho-ke, hhayi u... Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele, kukhona—kukhona... ukuthi, noma, umuntu, umphefumulo, umzimba, nomoya, kumbe noma yini enye ofuna ukuyenza.

⁸⁸ Manje, manje kukhona okungalungile lapha ndawo ndawo, akunjalo na? Manje uyabona ukuthi kukhona okungalungile lapha. Asikwazi ukukuqonda, khona-ke, ake sithi. Manje, “Ngalokho hambani, nifundise izizwe zonke.”

⁸⁹ Manje, niyizethameli ezincane ezinhle, futhi ngi—ngifuna ukubhola lokhu ukuze nibe nokuqondisisa okuhle. Niyabo? Isizathu angazi, abaningi babazalwane bangahle bayizwe leteyipu.

⁹⁰ Angilokothi ngenze ongesiye umkristu indoda noma umuntu ngemibono yabo yomBhalo. Ngikusekela phezu: uma besindisiwe, bathemba uJesu Kristu, noma ngabe bangamaKatolika, iProtestane, iJuda, kumbe noma ngabe bayini, usindisiwe ngoba uzelwe nguKristu.

⁹¹ Kodwa ungibuze umbuzo, “Kungani, Mfowethu Branham ubungabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu na?” Kulungile. “Futhi kungani ungamnaki uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele na?” Umbuzo wakho lowo. Futhi njengomfowenu, nanjengenceku kaKristu, ngibophezelekile ukukuphendula, kulungile.

⁹² Manje, ngakho-ke uma uthola lapha, ukwenza lokhu kuphikisana, manje, ezinsukwini eziyishumi nje emva kwalokhu, emva kokuba uJesu esho lokhu, uPetru wayenezihluthulelo zoMbuso, UMathewu 16, thola, “Wena unguPetru, futhi phezu kwalelidwala, ngiyalakha iBandla laMi,” kanjalonjalo. “Futhi Ngiyaninika... Ngithi wena unguPetru, futhi Ngikunika izihluthulelo zoMbuso: noma yini oyibhala emhlabeni, Ngiyoyibopha eZulwini: lokho okukhulula emhlabeni, Ngizokukhulula eZulwini.”

⁹³ Manje, leyondoda efanayo eyayinezihluthulelo, yajika emuva ngqo ezinsukwini eziyishumi emva kokuba uJesu esho

lokhu, futhi wathi, “Phendukani futhi nibhaphathizwe nonke eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu.” Wake wama wacabanga ukuthi uJesu wayeyonika indoda eyoba manqikanqika kanjalo, izihluthulelo zoMbuso, lokho kwakuzophenduka futhi kwenze okuphambene nalokho, Ayethe akungenziwa na? UNkulunkulu waseZulwini ebonakaliswe enyameni, futhi ubeyonikela izihluthulelo kumuntu ongenza iphutha elinjalo na? Khona kanye ukudubula ngaphandle kwebhokisi bekuyokwenza into enjalo na? Qhabo. Ini? Kulungile, manje, manje nje... Manje, manje qaphelani. Ubengeke akwenze lokho.

⁹⁴ Kodwa kungani Anikeza uPetru izihluthulelo, manje-ke na? Wavele wakucaphuna ngokucacile: “Petru, awuzange ukufunde lokhu ebandleni elithile noma ekholiji elithile, kodwa kwakuyisambulo esivela eZulwini, naphezu kwalesisambulo esifanayo esivela eZulwini, ukuqondisa iZwi likaNkulunkulu, ngizolakha iBandla laMi.” Wayemazi uPetru: wayenga-wayengazazi izibalo. UPetru wayengabazi i-algebra, mhlawumpe, noma kumbe wayengayazi ijyomethri, noma—noma... Ngicabanga ukuthi Lathi wayengumuntu ongazi futhi ongafundile, ngokweZenzo isahluko se 4, noma iZenzo isahluko se 3, ngiyakholwa. Wathi, “Bebona ukuthi bobabili babeyimifunda futhi bengafundile,” yena noJohane, lapho bephulukisa indoda esangweni elithiwa Lihle, “kodwa babaqaphela ukuthi babekade benoJesu.”

⁹⁵ Ngakho-ke niyabo, Akakubekanga phezu kwesayense yakhe yezenkolo yasekholiji ukuthi Wayengembala lokhu kuye. Wo! Hhayi phezu kwesipiliyoni sakhe sasekholiji, ngoba wayengenaso. Akakakwenzi nanamuhla. Kodwa Uyakwembula, niyabo, kulowo owayenesambulo sakho. Ngakho-ke, wayengakwethemba kuPetru. Angahle angakwazi, ukukwethemba kuMathewu, noma kuJohane, noma kubo bonke abanye. Kodwa uPetru wayenaso isambulo.

⁹⁶ Ngakho-ke, uPetru waphenduka futhi wathi, “Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, nonke eGameni likaJesu Kristu,” niyabo, “kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi niyakwemukela isipho sikaMoya oNgcwele. Isithembiso ngesenu.” Indoda eyayinezihluthulelo ezavula uMbuso okokuqala, yakuphendula futhi yenza okuphambene, lokho uJesu athi akungenziwa. Manje, kuphakathi kokuthi wayenephutha, wenza iphutha, akazange alandele iZwi leNkosi yethu, noma kumbe, wayenesambulo seqiniso ukuthi bonke abanye... oku—okwakungaphezu kwalokho bonke abanye ababenakho.

⁹⁷ Manje, ake sime nje ngaphambi kokuba sibuyele emuva, umzuzu nje. Uma bekungaba yiphutha, kungani uNkulunkulu akubona ngaleyonkathi, futhi wayala bonke abanye, phansi eBhayibhelini lonke, ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu

Kristu na? Futhi wonke umuntu eBhayibhelini wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Futhi wonke umuntu kuze kuyofika enhlanganweni yebandla eliKatolika, wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. EMkhandlwini waseNayisiya, babumba lombhaphathizo kaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, benza uNkulunkulu oziq-zintathu kuNkulunkulu oyedwa weqiniso, ukungenisa uziq-zintathu wabo—wabo.

⁹⁸ Futhi njengoba uNkulunkulu ekuqaleni wazi ukuthi umuntu wayezowa, ngakho-ke Wambeka phezu kokuzikhethela, azi, ngoba Wayekwazi ukuveza izingxenywe zaKhe ezingehlukaniseki ukuba nguYise, ukuba yiNdodana, ukuba nguMphilisi, ukuba nguMsindisi. Wayengasindisa kanjani, ngaphandle kokuthi okuthile, kulahlekile na? Futhi kuNkulunkulu kwakuyizingxenywe ezingahlukaniseki, ngaphambi kokuba kubekhona ngisho iNgelosi noma umsuka wezinto ezincu noma yini, uNkulunkulu wayeYedwa, eyedwa; kodwa Wayengesuye uNkulunkulu, ngoba lapho... *unkulunkulu* “yinto yokukhonzwa,” kwakungekho lutho kuYe ukuba lukhonze... akukho lutho lokuMkhonza. Kodwa izingxenywe zaKhe ezingehlukaniseki zaveza okuthize futhi zenza iNgelosi. Khona-ke WayenguNkulunkulu. Khona-ke Wenza umuntu; umnika inkululeko yokuzikhethela. Wawa. Khona-ke lapho ewa, Uba nguMsindisi. Ekwindla wagula, ukuze Abe uMphilisi. Niyabo? Kubonisa izingxenywe ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

⁹⁹ Manje, Wayazi futhi ukuthi kwakufanele kubekhona abantu abalahlekile nabantu abasindisiwe. Kwakufanele kube nombhaphathizo wamanga kanye ne...Ngakho-ke Ukubeka lapha, futhi, umuthi wolwazi: nanku owodwa, iZenzo 2:38; omunye, uMathewu 28:19.

¹⁰⁰ Ngakho-ke, kwembulwa kanjani ku-Abela na? “U-Abela, ngokukholwa, wanikela kuNkulunkulu umhlatshele omuhle kakhulu.” Wayengenalo iBhayibheli ukuba ahambe ngalo, ngakho-ke kufanele ukuthi kwakuyisambulo ku-Abela. Kwakukhona abafana bobabili. Uma uNkulunkulu edinga ukukhonzwa kuphela, khona-ke uNkulunkulu wayengalungile ngokulahla uKayini. UKayini wenza i-altare, wakha isonto, wakhonzwa, futhi wenza umhlatshele. Yonke into yenkolo u-Abela ayenza, kanjalo noKayini wayenza. Ngabe kunjalo na? Kodwa u-Abela, ngesambulo, wanikela kuNkulunkulu (Kuyisambulo; uhamba ngokukholwa.) umhlatshele omuhle kakhulu. U-Abela wakwazi kanjani, ukuthi kwakungesiso isithelo sasemadlweni, uKayini anikela ngaso na? Kwakuyigazi elabaletha bephuma ensimini. Ukuphila kwakungekho esithelweni. Igazi laletha ukuphila. Kwembulwa kuye, isambulo.

Nasi isisekelo esifanayo Asibeka kuso leso Asenza kubo emuva lapho: isambulo. Manje, angeke kube khona ukuphikisana.

¹⁰¹ Manje, nonke naningsesiwo amaKristu njalo. Nazalwa niyizoni. Ngiyabona njengentombazane encane. . . angazi—angazi noma ukwenzile noma qha, kodwa ngizothatha thina sonke egumbini, ukwenza umfanekiso lapha manje, ukuze nizoqonda. Ngesikhathi ningamantombazane amancane, nithi nafunda *i-Love Story Magazines*. Kakhulu onke amantombazane amancane ayakwenza. Noma yiluphi uhlobo lwephephabhuku; bekungeke kudingeke ukuthi kube *yiLove Story*, noma iyiphi indaba. Niyabo? Kuhle. Bekungaba. . . bekungeke kube enye yalezizitende zizindaba zesimanje, kodwa noma iyiphi indaba, ngisho noma ngabe kwakungu *Romeo and Juliet*. Niyabo? Kungani u—u—u—ufunda i—indaba yothando. Futhi uma. . . nginikhombisa lendlela manje, ukuze nizokubamba emfanekisweni.

¹⁰² Uma ucosha incwadi yezindaba, futhi uyifunde, futhi ithi, “UJohn noMary baphila ngokujabula ngemva kwalokho,” awu, uthola ukuzibuza ukuthi ubani uJohn noMary. Ubani uJohn noMary na? Awu, usanda kufunda amagama okugcina encwadini; athi, “Futhi uJohn noMary bahlala ngokujabula ngemva kwalokho.” Uqala ukuzibuza, “Ubani uJohn, futhi ubani uMary na?” Ngabe kunjalo na? Manje, yinye kuphela indlela yokuthola ukuthi uJohn noMary babengubani, buyela ekuqaleni kwencwadi, uqale ukufunda. Ngabe kunjalo na?

¹⁰³ Awu manje, lesi yisahluko sokugcina sikaMathewu. Uma incwadi yokugcina kaMathewu, Wathi, “Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgewele,” futhi “uYise” akusilo igama, futhi “iNdodana” akusilo igama, futhi “uMoya oNgewele” akusilo igama, bangobani na?

¹⁰⁴ Manje, asikuthathe kulokhu ukusa phezu kwesisekelo esifanayo ebesingasenza kuJohn noMary. Ake sibuyele kweyokuqala kaMathewu futhi sithole. Siphanye emuva esahlukweni sokuqala sikaMathewu, khona-ke, kulungile. Sibone ukuthi ungubani uJohn noMary abahlala ngokujabula emva kwalokho.

Singakanani isikhathi esengeziwe na? O, kulungile, kulungile.

¹⁰⁵ Manje, manje ngifuna ukunibuza okuthize bodadewethu, njengoba ningibuka, nina bazalwane. Wayengubani uBaba kaJesu Kristu na? UNkulunkulu wayenguye. Ngabe kunjalo na? Ngabe uNkulunkulu WayenguBaba waKhe na? Kulungile, mnumzane; uNkulunkulu unguBaba waKhe, sonke siyavumelana kulokho. Ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi uNkulunkulu unguYise weNkosi yethu uJesu Kristu. Kulungile, manje sizobona uma iBhayibheli lisho ukuthi uNkulunkulu unguBaba waKhe.

106 Manje, uJesu wathi, “Ngakho hambani, nifundise izizwe zonke, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Ngibeka lawa mabhokisi amathathu okurekhoda lapha. *Lona* nguYise, *lona* iNdodana, *lona* nguMoya oNgcwele. Manje nonke ni—niyabona kahle na?

107 Manje, ngifuna uku, ngizonibuza umzuzu nje, ngibone ukuthi nikulalelile yini engikushilo. Ubani *lona* olapha na? [Izethameli zithi, “UMoya oNgcwele.”—Umhl.] UMoya oNgcwele. Ubani *lona* olapha na? [“UYise.”] Ubani *lona* lapha na? [“iNdodana.”] Manje, Ubani *lona* na? [“UYise.”] Kulungile, bengifuna nje ukubona ukuthi nina—uma nina nikubambile ngokucacile manje. Manje, manje, *lena* yiNdodana kaNkulunkulu, ngabe kunjalo na? Kulungile, manje, *lona* lapha yini na? [“UYise.”] *Lowo* nguYise weNkosi uJesu Kristu. Ngabe kunjalo na? *Lowo* kwakunguBaba waKhe. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana ezelwe yintombi, engaxutshwe nalutho kaNkulunkulu ophilayo.

108 UNkulunkulu, uBaba wethu, onguMoya omkhulu ongakaze...Waye...akakaze abe nasimo, ngisho. Niyabo, Waye—WayenguNkulunkulu. Wayelungile...Wayengaphambi kwenkanyezi, umsuka wezinto ezincu, noma i-atomu, kumbe noma yini enye. UnguNkulunkulu osibekela sonke isikhathi, indawo. Uphakade. Ngiyakholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo noweqiniso. Futhi lowo *yilo* Muntu khona lapha, engimbhale kulelibhokisi; uYise. Lokho kunjalo na? Futhi *lona* nguMoya oNgcwele, futhi *lona* yiNdodana.

109 Manje, asifunde uMathewu 1. Manje, siyaqala:

Incwadi yezizukulwane zikaJesu Kristu, indodana kaDavide, indodana ka-Abrahama.

U-Abrahama wazala u-Isaka;...u-Isaka wazala uJakobe;...uJakobe...uJuda nabafowabo;

Kwehle njalo kunikeza izizukulwane. Manje, ukuze songe isikhathi sethu, sizokwehla futhi izizukulwane ziphela emva... futhi...

Zonke... (Kusukela evesini 17.) Zinjalo-ke izizukulwane kusukela...zonke izizukulwane ezisukela ku-Abrahama ziye ku-Davide ziyizizukulwane eziyishumi nane;...ezisukela kuDavide kuze kube sekuthunjweni eBabiloni ziyisizukulwane eziyishumi nane; nezisukela ekuthunjweni kweBabiloni ziye kuKristu ziyizizukulwane eziyishumi nane.

Manje:

Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu kwabanje: Lapho...unina uMariya esemiselwe uJosefa, bengakahlangani (Ingabe ufunda kanye nami,

Dadewethu Sewell na?), *bengakahlangani, wafunyanwa ekhulelwe* ngoNkulunkulu uYise.

¹¹⁰ Mina...ngabe ngi...Ngikufunda kahle na? O, ngenze iphutha na? Wafunyanwa ekhulelwe uMntwana kaBani na? [Omunye uthi, “*UMoya oNgcwele.*”—Umhl.] Awu, ngizosho. Manje, Ubani uBaba waKhe na? Nithe *lona* kwakunguBaba waKhe, neBhayibheli lathi *lona* kwakunguBaba waKhe. Wafunyanwa ekhulelwe uMntwana, hhayi okaNkulunkulu uBaba. UNkulunkulu uBaba wayengahlanganise lutho nakho. KwakunguMntwana kaMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na?

Ake sibone ukuthi lokho kusafundeka kahle yini. Mhlawumbe senze iphutha. Ivesi se 19:

Kepha uJosefa indoda yakhe, engumuntu olungileyo, ...ngokungathandi ukumthela ihlazo, wayefuna ukumlahla ngasese.

Esazindla ngalokho, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho, ithi, Josefa, ndodana ka-Davide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho: ngokuba lokho akukhulelweyo kungoNkulunkulu uBaba wethu.

[Omunye uthi, “Qhabo, ...*akukhulelweyo kuye ngokukaMoya oNgcwele.*”—Umhl.] O! A-hhe.

¹¹¹ Manje, manje, khona-ke Imuphi kulaba onguBaba waKhe na? Manje, uma uMoya oNgcwele enguBaba waKhe, noJesu wathi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe, manje, ngabe Ungumntwana wesihlahla na? Angaba yini na? Ngabe bobabili labonkulunkulu babengenza umntwana oyedwa na? Uma kunjalo, Wayengumntwana wesihlahla. *Ozelwe ngokungemthetho*, manje, yi—yigama elingcono, kodwa iga-... lona kanye igama lisho, “umntwana wesihlahla.” Awu, khona-ke uma Engumntwana ozelwe wesihlahla, khona-ke sikuphi—sikuphi ensindisweni na? Uma uNkulunkulu uBaba wayenguBaba waKhe, neBhayibheli lithi uMoya oNgcwele unguBaba waKhe, khona-ke kuphi...kukhona okungalungile futhi, ingabe kunjalo lokho na? Niyabo? Wena—wena...Kukhona okungalungile ndawana thize. Manje, sizokwenzenjani—njani na?

¹¹² Ingabe sikhonza umntwana ozelwe ngokungemthetho, ngoNkulunkulu ababili abahlukene na? UNkulunkulu oyedwa wayenguye, wathi, kwakunguBaba waKhe, kwase kuthi-ke i—iBhayibheli lasho lapha, noma, iZwi likaNkulunkulu liyasho ukuthi uMoya oNgcwele wawunguBaba waKhe. Futhi uJesu wathi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe, nezinye izindawo eBhayibhelini zathi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe, futhi ziMbiza ngeNdodana kaNkulunkulu, noNkulunkulu uYise, futhi manje, uNkulunkulu uMoya oNgcwele.

¹¹³ O, abampofu, abantu abaphuphuthekisiwe beTrinitarian! Ngani, i—igama *uziqu-zintathu* aliveli ngisho eBhayibhelini, lutho kusukela kuGenesisise kuya eSambulweni. Ayikho into enjalo. Akusibo oNkulunkulu abathathu; yizikhundla ezintathu zikaNkulunkulu oyedwa. UNkulunkulu uYise eNsikeni yoMlilo, uNkulunkulu iNdodana wabonakaliswa enyameni ukususa isono, noNkulunkulu uMoya oNgcwele okithi manje, lapha. Impela. Impela. “Kuba nani, ngisho nakini.” Niyabo? Akusibo oNkulunkulu abathathu; nguNkulunkulu oyedwa.

¹¹⁴ Manje, manje bukani. Uzofanele uvume ukuthi uMoya oNgcwele unguBaba waKhe. Ngabe kunjalo na? Ngabe uMoya oNgcwele unguBaba waKhe na? Ngabe iBhayibheli lisho kunjalo na? Awu, buka lapha; angi—angiphinde ngikufunde. Manje, ake... [Udade uthi, “...?....lowo Nkulunkulu unguBaba waKhe.”—Umhl.] Kunjalo. Awu, khona-ke, uma iBhayibheli lisho ukuthi uMoya oNgcwele unguBaba waKhe, uMoya oNgcwele noNkulunkulu nguMuntu ofanayo, noma Wayenobaba ababili. Ngabe kunjalo na? [Udade uthi, “Uzoqeda ngalowo ziqu-zintathu.”] Nakho-ke ukutholile, yilokho-ke. Sekundzile kwasuka manje, niyabo. Kwakungenjalo ekuqaleni. Akukaze kube njalo. Niyabona ukuthi kufanele kufike ngesambulo kunjani—kunjani na? Niyabo?

¹¹⁵ Manje, manje kuphakathi kokuthi uNkulunkulu wayenguBaba waKhe noma Wayengesuye uBaba waKhe. Futhi uMoya oNgcwele wawunguBaba waKhe, noma Wawungesuye uBaba waKhe, noma iBhayibheli liqamba amanga. Ngakho-ke, ukwenza isambulo silunge, futhi sibone ukuthi uPetru wayenesambulo esifanayo enginaso sakho, manje, niyabo: Manje, uNkulunkulu uYise noMoya oNgcwele nguMoya ofanayo ngqo, noma Wayenobaba ababili. Wayengenakukhuleliswa nguNkulunkulu uBaba, uMoya oyedwa, noNkulunkulu uMoya oNgcwele, omunye uMoya. Khona-ke Waba nokukhulelwa okubili. Niyabo? Ngakho-ke Wayengeke abe ngaleyondlela. Ngeke nje empeleni kube njalo. Kuphakathi kokuthi owodwa ulungile, nomunye ulungile.

¹¹⁶ Uma kukhona oNkulunkulu abathathu, futhi laboNkulunkulu ababili, uma kukhona oNkulunkulu ababili, oyedwa, uNkulunkulu uYise, noyedwa, uNkulunkulu uMoya oNgcwele, imuphi kubo ngempela owayenguBaba waKhe na? Umbuzo? [Udade uthi, “Sizoba, ‘UMoya oNgcwele noNkulunkulu kuyafana.’”—Umhl.] Manje usukutholile. Nakho la ukhona. Kulungile, manje lokho yikho. Kulungile, manje asiqhubeke nokufunda.

Manje sizothola ukuthi uMathewu 28:19 uyini.

Manje ake ngiphinde ngifunde lokhu futhi manje, ivesi 18:

*Manje ukuzalwa kukaJesu Kristu...kunje:
Ngenkathi...unina uMariya esemiselwe uJosefa,*

bengakahlangani, wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.

Kulungile.

Kepha uJosefa indoda yakhe, engumuntu olungileyo, ...ngokungathandi ukumthela ihlazo, wayefuna ukumhlala ngasese.

Esazindla ngalokho, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho ithi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi...ukuthatha uMariya umkakho: ngokuba lokho akukhulelweyo kungoMoya oNgcwele.

Kulungile, sibenza babe babili, manje-ke, kufanele kube ngofanayo.

Kulungile.

Uzakuzala indodana, uyiqambe igama lokuthi... (Ini? Loyo yiloMuntu, uJesu, kulungile.) yiqambe igama lokuthi uJESU: ngokuba nguye oyakusindisa abantu bakhe ezonweni zabo.

Manje... lokhu konke kwenzeka ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi,

Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, bayakuyiqamba igama lokuthi u-Emanuweli... (Kunjalo na?) okungukuthi ngokuhunyushwa... uNkulunkulu unathi.

¹¹⁷ Manje, ngubani igama likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele na? [Udade uthi, “UNkulunkulu.”—Umhl.] Qhabo, *unkulunkulu* “into ekhonzwayo,” akunjalo na? Wathini na? IGama laKhe liyakubizwa... [“UJesu, noma u-Emanuweli.”] Kunjalo. [“UJesu.”] Kwakungubani iGama laKhe na? [“Emanuweli.”] U-*Emanuweli* ukunyushwa ngokuthi, “UNkulunkulu unathi,” niyabona. Lokho kusho ukuthi, “UNkulunkulu unathi.” Niyabo? Lokho akuchazi ukuthi... kungabakhona noma yiluphi uhlobo lukankulunkulu kanye nathi, niyabo. Kodwa lokhu kwahunyushwa... Kodwa lingubani iGama lalo “Nkulunkulu onathi”? [“UJesu.”] IGama laKhe liyakuthiwa [“uJesu.”] UJesu.

¹¹⁸ Khona-ke lapho uPetru eshilo... lapho uMathewu athi babbhaphathizeni e... Manje ini... ubani uMary noJohn, abahlala ngokujabula ngemva kwalokho na? Niyabo? Niyabona ukuthi kungubani na? Lapho uPetru ephenduka futhi wathi, “Bhaphathiza eGameni lika... Phendukani futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu,” awu, wenze lokho impela uMathewu... Uma ethe, “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” bekungeke neze kulunge ngokwengqondo.

¹¹⁹ Manje, “Kungani ubhaphathiza, Mfowethu Branham, eGameni le... likaJesu Kristu na?” Manje, asiphenye ngapha manje futhi sizobuka nje. Manje, ubani owayenezihluthulelo

zoMbuso na? [Omunye uthi, “UPetru.”—Umhl.] Kwakungubani owakhuluma ngoSuku lwePhentekoste, manje, futhi wathi, “Phendukani futhi nibhaphathizwe nonke eGameni likaJesu Kristu na?” [Omunye uthi, “Lowo bekungaba uPetru, bekungeke na?”] Kulungile, khona-ke izikhiye ziyakhiya, “Enikubophayo emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini.” Kunjalo na? “Okukhululayo emhlabeni, Ngizokukhulula eZulwini.” Kunjalo na?

¹²⁰ Manje, zingaki izizwe ezikhona emhlabeni na? Zintathu: uHamu, uShemi noJaf- . . . Abantu bakaShemi noJafethi. Manje, lowo ngumJuda, oweZizwe nomSamariya, niyabo. Kulungile, zonke ziphuma kulawo amadodana amathathu, uma i . . . Awu, uNkulunkulu angithethelele, ngokuthi, “Uma iBhayibheli liqinisile.” Isizathu lokho kwakungukuthi . . . Wonke umhlaba wabhujiswa ngaphandle kwalabo—kwalabo bafana abathathu. Yilapho—lapho kanye lapho izizukulwane zethu zivumbuka khona.

¹²¹ Manje, kwafika izazi ezintathu ukuzobona uJesu. Usonkanyezi ethi ukuthi bona, belandela izinkanyezi ezintathu ezahlukene, futhi lezizinkanyezi ezintathu zahlangana, zenza inkanyezi eyodwa. Niyabo? Futhi abathathu bamunye, njalo. Niyabo?

¹²² Manje, izingxenye ezingahlukaniseki ezintathu zikaNkulunkulu zenza uNkulunkulu oyedwa. Akusiye uNkulunkulu uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Akusibo oNkulunkulu abathathu. UJesu . . . UFiliphu wabuza lowo mbuzo, “Nkosi, sibonise uYihlo, kusanele.” UJohane 14.

Wathi, “Kade Nginani isikhathi eside, Filiphu, awuNgazi na?” Wathi, “Uma ungibonile Mina, ubonile uBaba.”

¹²³ Manje, ngangichaza lokhu kwabanye besifazane ngolunye usuku, futhi owesifazane wa- . . . awu, wathi, “Awume umzuzu nje, Mfowethu Branham.” Wathi, “Bamunye. Kunjalo.” Wathi, “Ngakho-ke ingabe wena nomkakho, nimunye.”

Ngathi, “Kodwa Bawuhlobo olwehlukile loYedwa.”

Futhi wathi . . . ngathi . . . “O,” wathi, “qhabo, Bayafana nawe nomkakho, bamunye.”

Ngathi, “O, qhabo, uyabona,” Ngathi, “uyangibona mina na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Uyambona umkami na?”

Wathi, “Qhabo, angimazi nokumazi.”

¹²⁴ Ngathi, “Khona-ke uJesu wathi, ‘Uma ningibonile Mina, nibona uBaba.’” Ngakho-ke ngathi, “Bona, ngakho-ke Ba—Bawuhlobo oluhlukile loYedwa.” Niyabo? Ngathi, “Uyangibona mina, kodwa awumboni umkami. Kodwa uma ubona

uJesu, ubona uNkulunkulu.” Wabonakalisa uNkulunkulu. WayeyiNdodana ezelwe yintombi. Futhi uNkulunkulu uBaba, onguMoya, wahlala kuYe.

¹²⁵ Manje, inqwaba—inqwaba yabantu beTrinitarian bazama ukusho... Ngangiphikisana kungekudala. Ngithola ukuthi akusizi ngalutho, ngoba akekho ongeza kuNkulunkulu ngaphandle uma uNkulunkulu amazi ngaphambilini futhi wambiza ngaphambi kokusekelwa kwezwe. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi,” kwasho uJesu. Niyabo?

¹²⁶ Futhi lendoda yazama ukusho... Yayingowe—weTrinitarian, ngokwedlulele, futhi yasukuma phambi kwekilasi futhi yathi, “Bangani bami abayigugu,” wathi, “UMfowethu Branham ungomunye wabafo abahle kunabo bonke.” Niyabo, uyabona ngayo leyonkathi, ngiyazi ukuthi kwakukhona okuthize.

UJesu wathi, “Nina bazenzisi, ningasho kanjani okuhle na? ngokuba umlomo ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyi.” Niyabo?

¹²⁷ Futhi ngakho-ke, ukuzama nje ukuthola umusa kubantu, wathi... Lona kwakungumuntu weBandla likaKristu, futhi, elibizwa ngeBandla likaKristu. Kusobala bonke bamelene nazo zonke izimfundiso zeqiniso zeBhayibheli, cishe, futhi awukwazi ukubabiza... Angiqondile ukusho noma yini emelene nalababantu phakathi lapho, kodwa labobefundisi banjalo, uma—uma nizongixolela ngesisho, “Kufana nesikhova som-Irish: konke ukuqophisana nezimpaphe, futhi akukho sikhova.” Ngakho-ke lokho kucishe kube ngaleyondlela okungayo nje, niyabo, nje... bona—abanalutho abangama phezu kwalo, ngakho-ke, umFarisi wesimanje.

¹²⁸ Manje, wathi, “Kodwa uMfowethu Branham ubekade enjengo, kulengxoxo,” wathi, “tshikizisa kuyo yonke into, njengesibungu kulamula.” Kodwa wathi, “Ngingathanda ukuthi atshikize kulokhu.” Futhi kusobala bonke abaphikisanayo babamba inothi eligqamile engxenyeni yokugcina yakho. Ngakho-ke wathi, “Embhaphathizweni kuMathewu 3, ukuvezwa kwabantu abathathu, ngokoqobo abantu abathathu abehlukile: iNdodana imi ogwini; uMoya oNgcwele, njengejuba, phakathi kwabo; uNkulunkulu uYise, ekhuluma eseZulwini.”

Ngathi, “Mnumzane, ngabe lokho yinothi lakho eligqamile na?”

Wathi, “Ngifuna ukukuzwa utshikiza uphuma kulokho.”

¹²⁹ Ngathi, “Mnumzane, tshikiza nje ubuyele emuva futhi ufunde umBhalo, ngendlela Ofundeka ngayo.” Ngathi, “Yileyonto kuphela; ufunda ngokungesikho nje umBhalo kubantu.” Ngathi, “Lokho kuzace ukwedlula isobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala.” Ngathi, “Ngani, wena nje... wena—wena—ukwenza ngokuyiphutha, mfowethu.

Ukufunda ngokungesikho kubantu.” Futhi ngathi, “Manje, buka lapha ukuthi umfowethu uthini.”

¹³⁰ Manje, ngizokuthatha kanje, njenga *laba* enginabo: uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Manje, *lokhu* lapha kuzoba nguMoya oNgcwele, *lokho* kubhalwe ukuthi, “iNdodana,” *lokhu* kubhaliwe ukuthi, “uYise.” Manje, bukani ukuthi bakufunda kanjani lokho: “Lapho uJesu ebhaphathizwa... wahamba waphumela ngqo emanzini: bheka, amazulu lavuleka kuYe, wabona uMoya kaNkulunkulu, njengejuba, wehla, nePhimbo elivela eZulwini, lithi, ‘Lo yiNdodana yaMi ethandekayo, engithokozile ukuhlala kuYo.’” Ngathi, “Niyayibona, imifanekiso emithathu emihle: iNdodana phansi, uMoya oNgcwele njengejuba phakathi, noBaba ovela eZulwini ekhuluma.” Niyabona ukuthi udeveli angama kanjani lapho futhi akhohlise umuntu, uma ungenaso isambulo sikaNkulunkulu, uma uNkulunkulu engenasihawu kithi na? Sifanele sibe ngababongayo.

¹³¹ Wenza lokho ukuthi kusho okuthize okungakushongo, njengoMathewu 28:19 nje, abenze basho into ethize angayisho. Akazange athi, “Babhaphathizeni...” Akazange athi, “Babhaphathizeni egameni likaYise, egameni leNdodana, igama likaMoya oNgcwele.” Wathi, “Babhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” okunguJesu Kristu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹³² Manje, ake sithathe lo mfanekiso. Manje, ake sibone. Nithola imiBhalo ilotshwe phansi, uMathewu 3 lapho, amavesi okugcina amathathu noma amane. Manje... [Omunye wamanenekazi uyakhuluma—Umhl.] Kulungile, lokho kulungile, uzokuthola futhi ungakufundisisa lapho uthola... Ngininika imiBhalo ukuze niyifundisise nodwa. Manje, bukani, qaphelani.

¹³³ Manje, bathi leyo kwakuyiNdodana imi ogwini; lona nguNkulunkulu uMoya oNgcwele, njengejuba, phakathi kwabo; futhi uNkulunkulu uBaba wayekhuluma eseZulwini. Manje, kubukeka sengathi lokho bekungenza lawomaphimbo amathathu impela ahlukene avela ezindaweni ezintathu ezechukene. Manje, qaphelani. Manje, ngenkathi uJesu ebhaphathizwa...

¹³⁴ Manje, siyaqonda ukuthi *amazulu* aye... kusho “phezulu, imimoya emboze umhlaba,” noma ngabe kuyini, amazulwini. Manje, “Ngenkathi uJesu esebhaphathiziwe, Wahamba waqonda waphuma emanzini: futhi, bheka, amazulu ayevulekile kuYe, futhi wabona uMoya kaNkulunkulu...” Bengicabanga ukuthi bathi uNkulunkulu wayephezulu eZulwini ekhuluma. “UMoya kaNkulunkulu njengejuba...” IJuba lalinguNkulunkulu. Niyabo? Sisanda kudlula kukho lapha. UMoya oNgcwele noNkulunkulu uMuntu ofanayo. Niyabo? Kuyisihloko nje kukho. Niyabo? Futhi wabona uMoya kaNkulunkulu. Hhayi

omunye uNkulunkulu phezulu eZulwini ekhuluma, kodwa uMoya kaNkulunkulu wawusesimweni sejuba. Lowo kwaku—lowo kwakunguMoya oNgewele futhi kwakunguNkulunkulu, into efanayo, niyabo?

¹³⁵ UMoya kaNkulunkulu, njengejuba, wehla, nePhimbo elivela eZulwini, elaliphezu kwaKhe, lithi, “Lo yiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Ngempela, ukuhumusha okulungile (Bathole isenzo ngaphambi kwesandiso, njengabo bonke owezizwe.) kungukuthi, “Lo yiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Noma, “eNgithokozile ukuhlala kuYo.” “ENgithokozile ukuhlala kuYo.” Lowo kwakunguNkulunkulu engena kuJesu, futhi kuYe kwakungukuGwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Futhi nangu uBaba wakho, iNdodana noMoya oNgewele: eGameni likaJesu Kristu.

¹³⁶ Impela. Niyakuthola na? Akukho—akukho ndawo eBhayibhelini, ekhuluma ngabathathu, kungonkulunkulu abathathu. Ayikho into enjalo. Kungubuhedeni ngokuphelele. Kuvela ebuhedenini. [Udade uthi, “Awu, lokho kuyaqeda ngalowo ziqu-zintathu.”—Umhl.] Yebo. Awu, impela, khona... lapho... bona... kufana nje—kufana nokungenamkhawuko nje njengoba sinjalo isihogo. Niyabo? Ayikho into enjalo. [Udade uthi, “UBilly Graham uyakudinga lokho.”] Uthini? [“UBilly Graham uyakudinga lokho.”] Awu, ubengeke...?...khona. [Udade uthi, “Bengikudinga nami...?...”]

¹³⁷ Bheka, lalala. Kwembulwa kulabo uNkulunkulu ababizayo futhi omiselwe ngaphambili ngokwazi kwaKhe ngaphambili. “Zonke izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi.” Niyabo? Buka lawomaJuda emi lapho, eyizifundiswa nje njengoba ayengaba njalo, noJesu ebakhombisa ukuthi WayenguMesiya ngesibonakaliso sikaMesiya. Bathi, “UnguBelzebule.” Kungaba kanjani...? Babephuphuthekisiwe. Ya, nomelusi omncane omahhadlahadla noma u—noma umdobi ezansi emfuleni, wathi, awu, babeMazi. Niyabo? Yena nje...UNkulunkulu unendlela yokwenza izinto futhi sifanele nje sibambisane nendlela yaKhe. Mina...Bonga nje ukuthi amehlo akho angavuleka ukuze ubone iqiniso.

¹³⁸ Manje, ngizophonsela inselelo noma ubani (hhayi ngo—hhayi ngokuqophisana), ozoza kimi futhi ahlale phansi futhi angibonise *uziqu-zintathu* kanye eBhayibhelini, noma lapho kukhona onkulunkulu abathathu. Uma uzongibonisa onkulunkulu abathathu, ngizokukhombisa ukuthi sisebumnyameni, namaqaba, nabahedeni. Munye kuphela uNkulunkulu.

¹³⁹ UNkulunkulu, uNkulunkulu uBaba, sikholwa ngempela kulokho. Wayephezulu phezu kwakho konke, phezu kwalentaba; lapho Ehla entabeni phezulu lapho, kungani, noma ngisho

uma i . . . kakhulu njengoba inkomazi yathinta intaba, yayifanele ibulawe: uNkulunkulu uBaba. Kodwa Wayefuna inhlanganyelo ibuye nomuntu waKhe. Uzama ukubuyisela umuntu endaweni yase-Edene lapho ayelahleke khona. Niyabo?

¹⁴⁰ Manje, into elandelayo Ayenza, khona-ke uNkulunkulu uBaba wasibekela intombi okuthiwa uMariya. Futhi inhlaiya ebomvu yegazi (Niyakwazi lokhu, ngokuba ngumhlengikazi.), ingqamuzana legazi liphuma kowesilisa. Khona-ke omunye wathi, “Sisindiswe ngegazi leJuda.” Akukho nelilodwa ichashaza legazi likamama enganeni. Umntwana ulala egazini likanina, kodwa ingqamuzana legazi liphuma ebulilini bowesilisa. Ngakho-ke Wayengeyena umJuda noma oweZizwe; WayenguNkulunkulu, iGazi elidalayo, hhayi ngesifiso socansi, kodwa iGazi elidalayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bese kuthi-ke, iGazi likaNkulunkulu lasisindisa, iGazi elingaxutshiwe.

¹⁴¹ Wazidala Yena. Ngiqonde ukuthi Waguqula ukulingisa kwaKhe kusuka kuNkulunkulu kuya kumuntu futhi wehla, wazalwa yintombi, uMariya; noMoya oNgcwele (onguNkulunkulu, uBaba waKhe owakusibekela) wehla futhi wendlala itende laKhe futhi wahlala nathi esesimweni somuntu. Lowo nguNkulunkulu iNdodana, uNkulunkulu ofanayo owayenguNkulunkulu uBaba. “AkuMina owenza imisebenzi. NguBaba waMi ohlala kiMi; Wenza imisebenzi.” Niyabo? [Udade uti, “Lowo *okiMi*.”—Umhl.] Kunjalo.

¹⁴² UBaba owakhile, otabernakelayo, ohlalayo. “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo.” Mathewu 3. Niyabo? “ENgithokozile ukuhlala kuYo. Ngijabule kakhulu ukuhlala kuLena.” *Ukuhlala*, lokho, “ukuhlala, ngena endlini, futhi uhlale.” “KuYe kwakukhona ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba,” kusho umBhalo. Kunjalo, umfanekiso obonakalayo kaNkulunkulu ongabonakali. Manje, nangu Yena. Manje, lowo nguNkulunkulu uYise, uNkulunkulu iNdodana.

¹⁴³ Futhi manje, ekwephuleni lelongqamuzana legazi . . . Lapho umpristi omdala eTestamenteni eLidala, ngaphansi kohlelo oludala, isoni saletha iwundlu, sabeka isandla saso phezu kwewundlu, umpimbo walo wanqunywa, ngoba sasonile, futhi leliwundlu lafela isono saso. Manje, isizathu sokuba saphuma, kusho amaHeberu, ngesifiso esifanayo esasinaso singena (Uma siphinga, sibuyela emuva nesifiso esifanayo; uma sibulele, siyaphuma, isifiso esifanayo, inzondo.) ngoba ngenkathi lelongqamuzana legazi lewundlu lephuka, lelongqamuzana legazi lewundlu laliwukuphila kwesilwane, belingeke libuye bese lihlala empilweni yomuntu, ngoba ukuphila kwesilwane akunamphefumulo, kodwa ukuphila komuntu kunomphefumulo. Niyabo?

¹⁴⁴ Isilwane asinawo umphefumulo. Asikwazi okulungile nokungalungile. Asidingekile ukuthi sigqoke izingubo futhi semboze ubunqunu baso; futhi sisho amazwi amabi, futhi niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Niyabo? A—azikwazi. Zawa ngoba zazingaphansi kwethu. Niyabo? Izidalwa ezingabantu zingaphezu kwempilo yezilwane, ngoba zi—zingukulunkulu wempilo yezilwane. Kunjalo.

¹⁴⁵ Kwakunjalo, ekuqaleni, ngoba u-Adamu waziqamba futhi wayenamandla phezu kwazo. Genesise 1:26, wayenombuso phezu komhlaba wonke. Waye—wayenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu futhi wenziwa ukuba abe ngu—ngukulunkulu omncanyana. UJesu washo njalo. Wathi, “Awushongo yini umthetho wenu ukuthi ningukulunkulu na? Futhi uma bebabiza ngonkulunkulu iZwi likaNkulunkulu elafika kubo, okwakungabaprofethi, ningaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?” Niyabo, nakho lapho okhona.

¹⁴⁶ Manje, manje, kulokhu, uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele... Manje, emva kokuba Esehlezi eNsikeni yoMlilo, wase-ke ehla futhi waZenzela umzimba, waZehlisela itende lenyama yomuntu futhi wahlala kulo, phakathi kwethu; uNkulunkulu ehleli. UThimothewu wokuQala 3:16: “Ngaphandle kokuphikisana,” UPawulu ekhuluma, “inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonakala kuyo...” Ya, uMdali waba nguMsindisi. Eculweni elikhulu uBooth-Clibborn alibhala: “UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami, futhi konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.” Niyabo?

¹⁴⁷ Manje, qaphelani. UBaba, khona-ke WayenguBaba, phezu kwethu le. Sasingeke ngisho sibe ngalapho Ayekhona. Khona-ke Waba yiNdodana, ukuze sikwazi ukuMthinta, siMuzwe. WayenguMuntu. Futhi khona-ke Wanikela ngokuPhila kwaKhe. LeloNgqamuzana leGazi lephulwa ngononyana, onesono, umkhonto wamaRoma ngenkathi uhlaba inhliziyi yaKhe. Futhi, ngempela, inhliziyi eyaphukileyo yaMbulala; amanzi aKhe neGazi kwehlukana. Usizi lwaphula iNgqamuzana, losizi, ngenxa yesono sohlanga lwesintu. Sasivame ukucula iculo elincane:

O, uthando oluyigugu kanjena loloBaba
 Ayenalo ngesizwe sika-Adamu esiwileyo,
 Wanikela ngeNdodana yaKhe eyodwa ukuba
 ihlupheke,
 Futhi isihlenge ngomusa waYo.

¹⁴⁸ Manje, lapho leloNgqamuzana leGazi laphulwa. Manje lapho sibeka izandla zethu ngokukholwa phezu kwaleloWundlu likaNkulunkulu elithuthumelayo, sizwe inyama yaLo iqhaqhazela futhi inyakaza ngenxa yethu, futhi izandla

zethu zigezwa ngeGazi laKhe, nemiphefumulo yethu, ukuPhila okwakukuYe kwakungesuye nje umuntu nje, kanjalo Kwakungesiso isilwane, KwakunguNkulunkulu, ukuze ukuPhila kubuyele phezu kongewelisiwe, futhi uba yindodana noma indodakazi, inzalo kaNkulunkulu, niyabo, ukuPhila kukaNkulunkulu. Futhi singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ngokwephula leloNgqamuzana leGazi, uJesu Kristu.

¹⁴⁹ Manje, kuyini-ke na? UNkulunkulu usebuyele kubantu baKhe, ehlanganyela njengoba Enza ensimini yase-Edene. Niyabo? Nakho lapho nikhona, amadodana namadodakazi... Akukuhle yini na? Nina, niyabona? UNkulunkulu emuva...

¹⁵⁰ Manje, manje, sizoqeda umbhaphathizo; khona-ke kufanele ngihambe. Manje, kusukela ngalesosikhathi, manje, ngesikhathi esilandelayo okukhulunywa ngaso ngombhaphathizo, uFiliphu wehla futhi washumayela kumaSamariya. IZenzo 8, ngikholwa ukuthi nguye, ya, iZenzo 8 (7, uStefanu wakhandwa ngamatshe), ngicabanga ukuthi iZenzo 8, ukuthi uFiliphu wehla, washumayela kumaSamariya. Futhi baba nabo bonke, babhaphathizwa, bonke, eGameni likaJesu Kristu; kodwa uMoya oNgcwele wawungakehleli nakoyedwa wabo namanje.

¹⁵¹ UPetru wayenezihluthulelo. Ya, wayefanele avulele lesosizukulwane. Kwase kuthi-ke lapho ehla, noMoya oNgcwele wawungakehleli nakoyedwa wabo namanje, nokho babebhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, UPetru wehla, yena noJohane, futhi wabeka, uPetru wabeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele.

¹⁵² Manje, khona-ke kwathi uPetru esesesiqongweni sendlu ngesinye isikhathi, kuSimoni umshuki, wabona umbono. Ngoba uKorneliyu oweZizwe... Nango umJuda, umSamariya, manje oweZizwe. Futhi uPetru wayesesiqongweni sendlu, ethatha isihlwathi esincane ngaphambi kwedina, ngenkathi besalungisa idina, futhi wabona ishidi lehliselwa phansi. Zonke izinhlobo zokungcolile, izilwane ezinwabuzelayo eziphuma emhlabeni zazikulo. Futhi khona-ke esekwenzile lokho, wezwa iPhimbo, lithi, "Vuka, Petru, hlaba udle."

Wathi, "Akukho lutho olwake lwangena emlonyeni wami olungcolile."

Lathi, "Ungabizi okungcolile lokho eNgikubizayo, noma, okujwayelekile nokungcolile lokho eNgikubiza ngokuhlazekile." Niyabo, lowo kwakungabeZizwe.

¹⁵³ Kwase kuthi-ke lapho ephuma embonweni, kwakukhona amadoda amabili emi esangweni, embiza ukuba akhuphuke. Futhi Watshela, noma, uMoya wamtshela, "Sukuma uhambe. Ungacabangi ngalutho, vele uqhubeke nabo." Waya endlini kaKorneliyu.

¹⁵⁴ Waqoqa . . . UKorneliyu wayeyinduna yekhulu, futhi wabiza ndawonye lonke ibutho lakhe. Futhi bonke babephakathi lapho, noPetru wayebachazela okwakwenzekile, wakhuluma . . . Futhi uKorneliyu wamtshela ukuthi wayebone iNgelosi eyamtshela ukuthi ehle futhi acele uSimoni oyedwa, e—endlini kaSimoni umshuki. Futhi ngenkathi uPetru esakhuluma lamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwalabo abezwa iZwi. Futhi uPetru wathi, “Singenqaba yini namanzi, sibona ukuthi bamukele uMoya oNgcwele njengoba senza na?” Futhi wabayala ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu.

¹⁵⁵ Manje, iZenzo 19, uma nifuna . . . Lezo yiZenzo 10:49 lapho, dade, ukubhala phansi, niyabo, iZenzo 10:49, kulungile, 10:47, kwehle kuze kube sekupheleni kwesahluko, kufunde.

Futhi khona-ke lapho sebefika manje eZenzweni, iZenzo 19, umbhaphathizo waphinda washiwo. UPawulu . . . Manje, manje lokho kwenza wonke umuntu . . .

¹⁵⁶ Manje, isikhathi kuphela umbhaphathizo owake wenziwa ngaso kwakungoJohane umbhaphathizi, kuqala. Babhaphathizwa laphaya. Bona . . . Manje, kodwa ababhaphathizwanga eGameni likaJesu, ngoba babengazi ukuthi WayenguBani okwamanje. Niyabo? Manje, kodwa manje, lapho . . . uJesu wathi, kuMathewu 28:19, “Bhaphathiza, iGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” futhi wanikeza lokho kuzwakalisa kumuntu Amnikeza izihluthulelo, owayenesambulo salokho okwakumayelana nakho konke, kwembulwa kuvela eZulwini.

¹⁵⁷ Yilokho okutholayo khona manje, isambulo esivela eZulwini ukukuqondisa. Kuzoshaya okuqondiwe uma nje uzohlala nakho kahle. Kuqondaniswe ngqo kahle. Kuyakushaya-ke. UPetru waba nombono, wawuqondene ngqo nakho. Lokhu kuyakwenza futhi. Kukubuyisela phakathi ngqo. Isibhamu sidubula lapho esifanele sidubule khona, manje. Niyabo?

¹⁵⁸ Manje, khona-ke uPawulu wayengu—wayengumphostoli kwabeZizwe. Ngabe kunjalo na? WayengoweZizwe . . . Isizathu ukuthi uNkulunkulu wamthumela kwabeZizwe. Manje, manje lapha, wonke umuntu ngaleyonkathi wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu; wonke umuntu. AmaJuda, ngabe abhaphathizwa eGameni likaJesu na? IZenzo 2:38 na? AmaSamariya, IZenzo 8? Ngabe abhaphathizwa eGameni likaJesu na? Kulungile, abeZizwe? EZenzweni 10:49? Babhaphathizwa eGameni likaJesu, ababhaphathizwanga na?

¹⁵⁹ Awu, manje, kwakukhona abanye abantu ababegijima bezungeza lapho owayengabhaphathizwanga eGameni likaJesu, nokho base bebhaphathiziwe. “Ngicabanga ukuthi kuzolunga khona-ke. Ngakho-ke bayeke nje, ngoba babhaphathiziwe. Kwenza mehluko muni na?”

“Bhaphathizwa nguJohane,” basho. Awu, lokho—awu, lokho, esifuna ukukubona manje, sifuna ukubona ukuthi lokhu kubalulekile noma qha. Makadunyiswe uNkulunkulu.

¹⁶⁰ IZenzo 19, uPawulu esedabule amazwe angasenhla ase-Efesu, wathola abafundi abathile. Manje, kwakukhona osemncane, umshumayeli oyiBaptisti enhla lapho, negama lakhe kwakungu-Apholo, okwakungu, o-Apholo, njalo. Futhi wayeyindoda ekhaliphile; manje, iZenzo isahluko 19. Futhi wayeyi—wayeyindoda ekhaliphile, futhi waye—wayefakazisa ngeBhayibheli, njengomBaptisti wangempela, ukuthi uJesu wayenguKristu, ngeBhayibheli. Futhi babene—nemvuselelo phezulu lapho, imvuselelo enkulu.

¹⁶¹ Futhi uPawulu wayefakwe etilongweni ngokukhipha udeveli, kumbhuli, futhi ngakho-ke...yena noSila. Futhi ngobunye ubusuku bangena ekukhulekeni phakathi lapho nokucula amahubo; neNkosi yehla, yazamazamisa itilongo yalilahla phansi. Ngakho-ke, khona-ke, ngemva kokuba esekhululiwe, waphuma wathatha induna yekhulu futhi wayibhaphathiza nomkayo, njengesiko likaPawulu. Isizathu babebhaphathizwe eGameni likaJesu, kwase kuthi-ke...lapho bemkhipha yena nomndeni wakhe futhi bababhaphathiza. Futhi khona-ke uPawulu waqhubeka ngendlela yakhe.

¹⁶² Futhi wawelela ku-Akwila noPrisila, ababengabakhi bamatende, abangane bakhe, abaphendukela kuKristu. Futhi babekade bethamele lemvuselelo phezulu lapha nalamaBaptisti. Isahluko se 18 yilapho ozokufunda khona lokho, isahluko esisodwa ngaphambili. Ngakho khona-ke—ngakho khona-ke uPawulu wadabula ezweni elingenhla e-Efesu. Uthola abafundi abathile. Babengabafundi. BabengamaBaptisti, umshumayeli okahle nakho konke, efakaza ngeBhayibheli, uJesu wayenguKristu. Futhi wathi kubo, “Senamemukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?”

¹⁶³ Kanjani wena mfowethu nodadewethu weTrinitarian, wawuvamise ukuthanda ngempela ukubeka lokho kumaBaptisti; kodwa ngiyamangala ukuthi singakwazi ukubeka emuva okuthile futhi. Mm. Uyathanda ukuthi, “Manje, nina maBaptisti, ngicabange ukuthi nithe nemukela uMoya oNgcwele ngenkathi nikholwa. UPawulu wathi, ‘SenaWemukela selokhu nakholwa na?’”

Futhi lababantu babethembekile. Bathi, “Asazi noma kukhona Oyedwa, noma yimuphi uMoya oNgcwele.”

¹⁶⁴ Manje, uma kungenzi mehluko, emva kwalokho, wombhaphathizo, umbhaphathizo wamanzi awenzi-mehluko, pho-ke kungenani lomphostoli ebuza lombuzo na? Wathi, “Khona-ke, nabhaphathizelwa kukuphi na?”

¹⁶⁵ O, kungenzeka ukuthi basho lokhu: “O, sabhaphathizwa,” bathi, “sabhaphathizwa kuJohane, futhi seneliseke kakhulu

ngakho, indoda efanayo eyabhaphathiza uJesu Kristu, umgodini ofanayo wamanzi.” Impela, ngicabanga ukuthi uma wababhaphathizwa nguJohane khona ngqo emgodini wamanzi ofanayo uJesu, abhaphathizelwa kuwo, ubungacabanga ukuthi bekukuhle kakhulu, ubungeke na?

¹⁶⁶ Kodwa khumbulani, izihluthulelo zazihluthulelwe eZulwini. UPetru wakwenza ngoSuku lwePhentekoste. Yebo—yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Niyabo? Kuyimfihlakalo. Kufihliwe manje. “Noma yini oyibopha emhlabeni, Ngiyoyibopha eZulwini.” Nasi isambulo. Kungeza kuphela ngalesi sambulo. Niyayibona imbewu na?

¹⁶⁷ UPawulu wathi, “Kodwa lokho ngeke kusasebenza. Senamemukela uMoya oNgcwele selokhu nakholwayo na?” washo.

Wathi, “Asazi, ukuthi kuyoba khona uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Khona-ke, nabhaphathizelwa kukuphi na?” noma ngenye indlela, “nabhaphathizwa kanjani na?”

¹⁶⁸ Bathi, “Sesivele sibhaphathiziwe. O, yebo, mnumzane. Yebo, Mnu. Mphostoli Pawulu, sibhaphathiziwe. Sabhaphathizwa nguJohane umBhaphathizi, khona lapho emgodini wamanzi uJesu Kristu abhaphathizelwa kuwo. Uma wayelungile ngokwanele ukuba uJesu ambhaphathize, noma, abhaph-... kungani yena e, mfana, ngiyakutshela, ulunge ngokwanele kimi. Halleluya!”

Uma babekwenzile lokho, babengeke baWuthole. Kodwa uPawulu wathi, “SenaWemukela selokhu nakholwayo na?”

Wathi, “Asazi noma ukhona yini uMoya oNgcwele.”

Wathi, “Khona-ke, nabhaphathizelwa kukuphi na?”

Bathi, “KuJohane.”

¹⁶⁹ Wathi, “UJohane wabhaphathiza kuphela kukho ukuphenduka, ethi babefanele bakholwe nguYe ozakuza, okungukuthi, kuJesu Kristu.” Futhi bathi ukuzwa lokhu, baphinda babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Lokho kuletha *leliqembu phezu kwaleli qembu*. Futhi babeka izandla zabo phezu kwabo, futhi bakhuluma ngezilimi futhi baprofetha.

¹⁷⁰ Manje, ngizonitshela, ukuthi wonke umBhalo eBhayibhelini, wonke umuntu eBhayibhelini, wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Ngithatha noma yimuphi umuntu, noma yimuphi usomlando, ngimuse kulomsebenzi: uma ningangikhombisa ichashazi elilodwa lomBhalo lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona, eBhayibhelini (ibandla elisha, kusobala, abazange babhaphathizwe eTestamenteni eLidala, kodwa eTestamenteni eLisha), lapho noma yimuphi umuntu ake abhaphathizwa egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, indawo eyodwa ukuthi *lokho* kwake kwabizwa phezu kwabo, “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” khona-ke ngizoxegisa.

¹⁷¹ Futhi uma wena...futhi ngizokukhombisa...Uma ungangikhombisa indikimba eyodwa yomBhalo lapho noma ngubani ake abhaphathizwa egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, noma ichashaza elilodwa lomlando lapho noma ubani ake abhaphathizwa, ekugcotshweni noma ekumisweni ngohlelo lwebandla lamaKatolika ngo A.D. amakhulu ayisithupha...u 325 ngu, A.D. 325, iminyaka engamakhulu amathathu namashumi amabili nanhlano emva kwabaphostoli, wonke umuntu waqhubeka ebhaphathiza egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, noma, eGameni likaJesu Kristu kwaze kwaba ngu-325.

¹⁷² Kwase kuthi-ke, benza inhlango. Futhi enhlanganweni, okungukuthi iBandla eliKatolika elingumama wazo zonke izinhlangano, uNkulunkulu akazange ahlele ibandla, kodwa phakathi lapho bafaka esikhundleni igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, ngoba abeTrinitarian. Futhi khona-ke babe neqembu elikhulu elahamba ngezina labeTrinitarian, neqembu elikhulu elahamba ngezina le-Unitarian, okungukuthi amaqembu womabili linephutha. Niyabo? Kodwa qhabo... Futhi noma yimuphi umuntu obhaphathizwe esebenzisa lezoziq zikaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, ngokungazi, bayavuma ukuthi bangamaKatolika futhi baphika okushiwo iBhayibheli.

¹⁷³ Manje, bazalwane bami, nani enilalela leteyipu, “Ngi—ngi—nginomqondo wokuthi nenza lokhu ngokungazi.” Ungavele ulahle lokhu, laba besifazane, bethula lokhu kuwe, kodwa uyazikweleta wena uqobo ukuhlala phansi futhi ukufundisise futhi uthole. Uma ungenjalo...Uma ungumntwana kaNkulunkulu, ngokuqinisekile uzokucabangisisa kangako lokho.

¹⁷⁴ IZwi leNkosi lafika kubaprofethi ezinsukwini zakudala. Isizathu sokuthi babebabiza nga “baprofethi,” ngoba babenencazelo yeZwi likaNkulunkulu, ngoba babethunywe ngokwaphezulu, futhi izibonakaliso nezimangaliso ezazibalandela zafakazisa ukuthi babenjalo. UNkulunkulu wayekushilo emBhalweni waKhe, “Uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, futhi uma esho izinto futhi ayilungile, ayenzeki, khona-ke ningamesabi. Kepha uma kwenzeka, khona-ke mzwani, ngokuba nginaye.” Futhi lona kanye igama elithi *mprofethi* lisho “umhumushi ngokukaNkulunkulu weZwi likaNkulunkulu.” Izibonakaliso nezimangaliso ezenza iZwi libonakale yisibonakaliso sokuthi lafika. Manje, sikholwa ukuthi isiphiwo sokuprofetha esihlanganisa amagama ndawonye ziyafana.

¹⁷⁵ Manje, esikhathini esingeside esedlule, futhi mhlawumbe indoda efanayo ingase ilalele leteyipu ngolunye usuku, ukuthi mina, ukuthi—ukuthi lokhu kwenzekile. KwakunguMfowethu Scism weOneness. Manje, wena—wena... abaningi benu bantu

nilalela lokhu, bangathi, “UMfowethu Branham uyi-Oneness.” Angisiyo. Ngicabanga ukuthi nobabili ninephutha, kokubili i-Oneness neTrinity. Kungesikho ukwehluka, kodwa kuhlale kuphakathi komgwaqo.

¹⁷⁶ Njengoba u-Isaya asho, u-Isaya 35 wathi, “Kuyobakhona umendo.” Futhi nina bazalwane beNazarene, nokunye nokunye, nithi, “Umendo omkhulu omdala wobungcewele.” Ngiyaxolisa; aLisho ukuthi, “Umendo wobungcewele.”

¹⁷⁷ Lathi, “Kuyoba khona umendo ne...” (ne isihlanganiso) “. . .nendlela, futhi iyakuthiwa, ‘Indlela yobungcewele.’” Hhayi umendo wobungcewele. Indlela iphakathi nomgwaqo. Uhlangothi ngalunye yilapho ukuwa kundiza khona. Yilapho nina bazalwane be-Oneness eniya khona ngakolunye uhlangothi, iTritinarian yaya ngakolunye uhlangothi, kodwa uMlayezo weqiniso ulele phakathi nomgwaqo.

¹⁷⁸ Manje, bhekisisani lapha. Uma nizoqonda manje, ngibeka izinto ezintathu. Manje, ngithatha lokhu kube yilokho uMathewu akusho, nokunikhombisa ukuthi omababili amadoda asho into efanayo. Kodwa oyedwa, abantu beTrinitarian, ngokwedlula, ngiyakuzonda ukusho lokhu, futhi angifuni ukukusho, kodwa angifuni ukuthi “ngokungazi,” njengoba iBhayibheli lasho, kodwa ngiqonde, ukuthi, ngokuhunyushwa ngokungesikho, angeke nikwenze kuhambe kahle, bazalwane. Awusoze wakwenza kuhambe kahle. Angeke uze ubuyele esambulweni, bese-ke umBhalo wonke uhamba kahle.

¹⁷⁹ Manje, bukani lapha, bodadewethu, nani bazalwane eni-nikhona: uMathewu wathi, “uYise, iNdodana, uMoya oNgcewele.” Manje, uma nizohamba nithole i-*Emphatic Diaglott* yokuhunyushwa kwesiGrecki (ukuhunyushwa kwasekuqaleni kwesiGrecki okuvela eVatican; kwenzeka ukuthi ngibe neyodwa; iphumile—iphumile ekubhalweni manje, ngiyacabanga), noma yikuphi ukuhunyushwa kwesiGrecki, ukuhunyushwa okulungile eZenzweni 2:38: UPetru wathi, “Phendukani yilowo nalowo futhi nibhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu.” IHumusho iKing James nje yath, “eGameni likaJesu Kristu”; kodwa kwi-*Emphatic Diaglott* ithi, “EGameni leNkosi uJesu Kristu.”

¹⁸⁰ Manje, uma nina bazalwane be-Oneness nibhaphathiza nje eGameni likaJesu, baningi nje oJesu; kodwa kukhona kuphela. . .Wazalwa enguKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Yena. . .Lelo yiGama laKhe, yilokho Ayikho. UKristu kusho “ogcotshiweyo,” uMesiya, uKristu. Manje, “UJesu,” ezinsukwini eziyisishiyagalombili kamuva Wanikezwa iGama, “Jesu,” ngenkathi Esokwa. Futhi uyiNkosi yethu. Ngakho-ke UyiNkosi yethu uJesu Kristu. Yilokho Ayikho.

¹⁸¹ Manje, khombisa, ukuthi uzobona ukuthi uzobona ukuthi uPetru wayenesambulo engizama ukunitshela sona,

manje bukani lama—lamabhokisi ngakululuhlangothi: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Yilokho uMathewu akusho. Ezinsukwini eziyishumi kamuva uPetru wathi, “iNkosi uJesu Kristu.” Manje, bonani uma leziziqu ezintathu akuwona yini amagama amathathu, noma—noma, iGama elilodwa leziqu ezintathu.

¹⁸² Manje, bukani. UMathewu wathi, “Baba.” Ngabe kunjalo na? I. . . uPetru wathi, “Nkosi.” Manje, uDavide wathi, “iNkosi yathi eNkosini yami.” Manje, bobabili basho into efanayo lapho, abashongo na? Kulungile, “iNkosi yakho. . . iNkosi uNkulunkulu wakho inguNkulunkulu oyedwa” yiqiniso.

¹⁸³ Kulungile, manje, uPetru wathi, “EGameni leNkosi,” noMathewu washo isiqu kuleyoNkosi, okwakungu “Baba.” iNkosi ilokhu Ayikho, kulungile.

UMathewu wathi, “iNdodana.” Ingubani iNdodana na? “uJesu,” kwasho uPetru. Lokho kulungile na?

Kulungile, manje, noMathewu wathi, “uMoya oNgcwele.” uPetru wathi, “Kristu,” onguMoya oNgcwele, iZwi-mcabango elaphuma kuNkulunkulu.

¹⁸⁴ Niyabo? uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, yiNkosi uJesu Kristu, yonke into, ncamashi, iNkosi uJesu Kristu. Ngakho-ke lezo yiziqu futhi hhayi. . . Nakho la ukhona.

Manje, ngifisa sengathi ngabe besineside ngokwedlulele, singene kukho, kodwa sekuba leyithi. Singakhothama, sikhuleke umzuzwana nje?

¹⁸⁵ Baba wethu waseZulwini, Wena uyazi ukuthi asizami khona ukuza lapha ukusho okuthile ukudida noma ubani. Baba Nkulunkulu, sizama ukususa ukudideka engqondweni yabo. Futhi akungabazeki ngaphandle kokuthi kuyoba khona abathandekayo, abahle, abafowethu abangamaKristu, abefundisi, Amakholwa eTrinitarian azozwa lokhu. Odadewethu bangakudlalela abelusi babo. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi—ukuthi Angeke uvumele abazalwane bacabange ukuthi ngizama ukuzenza njengowazi konke noma okuthize. Kodwa, Nkosi, ngiyabonga ukuthi—ukuthi Usinika isambulo seZwi.

¹⁸⁶ Futhi ngizamile ukuba njengo—ngomfowethu ongumKristu kubo, ngingalokothi ngikubalule phakathi kwabantu; qhubeka nje, ngoba, Nkosi, ngikholwa ukuthi bangabantwana baKho. Kodwa ba—bathola lokhu okubonakala kungukuphikisana eBhayibhelini, futhi benze udaba olukhulu ngakho. Ama-Assemblies angeke azihlanganise ne-Oneness; i-Oneness yabizwa. . . esikwaziyo manje, futhi lapha kulomhlangano, sihlanganyela nabanye balabo bazalwane. Futhi siyakwenza kuyo yonke imihlangano.

¹⁸⁷ Kodwa, Nkosi, siyazi ukuthi bonke bangabantwana baKho, kodwa benze udaba olukhulu futhi badonsa futhi banqamula. Ama-Assemblies angeke azihlanganise ngalutho nabo, futhi angeke bazihlanganise ngalutho nama-Assemblies, namaBandla kaNkulunkulu, kanjalonjalo. Futhi ngalinye, ngokwenza kanjalo, Baba, ngiyaqonda ukuthi badweba imigqa yomngecele futhi baba ngabazidlayo nabahlelelekile. Futhi Wenzani ngazo zombili izinhlangano na? Wazibeka phezulu eshalofini, futhi ziyafa zombili, futhi sezifile ngempela.

¹⁸⁸ Abantu abanezinhliziyo eziqotho mababone, Nkosi. Angikwazi ukuvula amehlo abo. Nguwe kuphela Ongenza lokho. Ngethula iqiniso laKho ngesambulo sikaJesu Kristu, esibophela amazwi ndawonye, iZwi likaNkulunkulu, futhi silenze iZwi leqiniso. Ngikhulekela ukuthi angeke baliqonde ngokungeyikho, kodwa bazoKuthanda futhi baKukhonze zonke izinsuku zokuphila kwabo, futhi bahambe ekuKhanyeni. Siphe khona, Nkosi.

¹⁸⁹ Ngiyabakhulekela laba besifazane. Futhi ngikhulekela ukuthi wonke umuntu obona lokhu, angeke ababangele ukuba badideke, kodwa uzobabangela ukuba balambe futhi bomele ezinye izambulo zikaNkulunkulu. Siphe khona, Baba.

Nginikela lokhu kuWe manje, futhi Yenza ngakho konke okubonakala kukuhle ezandleni zaKho. EGameni likaJesu Kristu. Amen.



UMBHAPHATHIZO WAMANZI ZUL61-0120
(The Water Baptism)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoLwesihlanu, ngoJanuwari 20, 1961, eGolden Arrow Restaurant eBeaumont, eTexas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org